# U-Abrahama NeNzalo Yakhe Emva Kwakhe

. . .hlalani phansi. Ngijabula kakhulu ukuba lapha eChicago futhi, ukuba, kulenhlanganyelo enkulu neFull Gospel Christian Business Men, nenhlanganyelo yabantu, nokuba nami, njengokungisiza, nomunye wabalingani bami abakhulu, nomfowethu, uTommy Hicks. Futhi siphansi kwamathemba amakhulu kuleliviki, ukuba iNkosi isenzele izinto ezinkulu. Futhi ngiyezwa ukuthi kade behlangana ngaphambi kwalomhlangano, futhi kubukeka sengathi bekukhona izinto ezinkulu ezifeziwe, futhi sibheke okukhulu ngokwedlulele, njengoba siqhubekela ngasesikhathini sokuphela.

2 Futhi manje, sizoba lapha kuze kube iSonto elizayo ntambama, ngikholwa ukuthi lokho kunjalo. Ngenkathi uMfowethu Carlson esanda kwenza isitatimende ukuthi lezizinkonzo, abafanele bedlule kukho ukwenza lezo zinkonzo, kuyiqiniso kanjani! NoMfowethu Joseph emi ngakimi, wathi, "Awu," wathi, "uma ungesilo isosha, awudutshulwa." Ngakho ngicabange ukuthi lokho bekubekwe kahle impela, lokho—lokho kunjalo.

3 Futhi njengoba izimpi zidlanga, ngani, uba yisisulu sangempela, ngakho yinye kuphela into ofanele uyenze, uhlome zonke izikhali zokukholwa, ume ngokweqiniso kuNkulunkulu, futhi umashe uye phambili, yilokho kuphela. Impi kaNkulunkulu ayihlehli, iyaqhubeka. Abaningi babo bawela eceleni, futhi baqale *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa impi kaNkulunkulu imasha iya phambili, siqhubeka ngqo siqhubeke.

4 Manje, kuleliviki . . . Ngithumele uBilly ngale cishe ngelesithathu nqo, noma ligamenxe elesibili, futhi wathi, wahlala ngapho kwaze kwaba ngelesithathu futhi wathola abantu ababili abebefuna ikhadi lomkhuleko, wathi bekuyilokho kuphela. Ngakho, banikeza ukuthi siyokhulekela abagulayo, manje, uma, mhlampe, uMfowethu Hicks unenkonzo enkulu yokukhulekela abagulayo, futhi mhlawumbe usevele ukwenzile lokho.

5 Futhi uma, iviki lonke manje, ngizoba noBilly ngapha, cishe ngelesithupha nqo njalo ntambama, noma into efana naleyo, ukunikeza amakhadi omkhuleko, uma noma ubani, lapho sithola abanye abantu ofuna ukukhulekelwa, uMfowethu Hicks, nami,

nabanye abazalwane, sizokhulekela abagulayo iviki lonke; futhi sibheke uNkulunkulu ukuba aphendule umkhuleko wethu.

6 Kuyo yonke leminyaka, manje cishe iminyaka eyishumi nanhlanu ensimini emhlabeni jikelele, angikaze ngiphulukise noma ubani empilweni yami yonke, kodwa impela ngibe nezimpendulo ezimangalisayo emkhulekweni, ukuthi uNkulunkulu uphulukise abagulayo, izinyonga, izimpumputhe, nabahluphekile, sekuze kwaba ngempela, kimi, enye ye... impilo egcwele ukuxhuxhuma kimi. Uma ngingabizwa kulentambama, ngingambonga uNkulunkulu ngokungazisa into eyodwa: UJesu Kristu unguMsindisi wami, ukwazi ukuthi Uyaphila manje, futhi Akafile kodwa uvukile, futhi uphila kuze kube phakade.

7 Futhi manje, kulentambama ngaphambi kokuba sisondele eZwini, kulokho ngifuna ukwenza lesisitatimende, uma nizongixolela umzuzwana nje ngokuma. Ngifuna ukuzama ukwenza imilayezo yami kuleliviki, ibe mfishane kancane kunokwejwayelekile. Nginegama lokushumayela noma kuphi kusukela kwelilodwa kuya emahoreni ayishumi, noma into ethile efana naleyo, kodwa ngizozama ukukwenza cishe amashumi amathathu-nanhlanu, imizuzu engamashumi amane kuleliviki, iNkosi ithanda. Ngakho-ke, abantu, iningi labantu engibaziyo, ngiyacabanga, basuka kude le ohlangothini oluseningizimu, ngicabanga ukuthi kunjalo, ezansi nga*leyo*ndlela, ohlangothini oluseningizimu, futhi ukuze—ukuze nikwazi ukubuyela emuva ngesikhathi, nibuyele inkonzo elandelayo.

8 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi, ngomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu.

9 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngenhlanhla yokuhlangana ndawonye, kulentambama enemvula, eGameni leNkosi uJesu, kanye futhi ngapha kokufika kwaKhe, sikholwa ukuthi ngoluny'usuku siyobuthana okokugcina, kuze kuthi lowomhlangano kawonkewonke omkhulu uyobizwa eZulwini. Kwangathi amagama ethu angalotshwa ngokucacile futhi acace, agezwa eGazini leWundlu, ukuthi singaphendula ekubizweni ohlwini, eSidlweni sakusihlwa soMshado. Yingakho silapha namhlanje, Baba, ngukulungiselela izinhliziyo zethu lesosehlakalo esikhulu.

10 Sikhulekela ukuthi Usithethelele amaphutha ethu, amaphutha ethu, izinto esizenzile futhi sazisho, lokho obekungalungile. Sikhumbule nje, Baba, ukuthi singabantu futhi siyisisulu sazo zonke izinhlobo zamaphutha. Futhi ukuba besingenaso isithembiso saKho somusa waKho, besiyolahleka sonke, kodwa kungomusa waKho ukuthi simi namhlanje njengamasosha, sikholwa ngokukholwa, ukuthi uNkulunkulu usisindise empilweni yesono, nasekujezisweni kwaPhakade, ezweni emva kwalokho.

11 Siyacela manje ukuthi Uzokhumbula yonke imizamo yethu, Uyazi ukuthi kungani ibekwa ngaphambili, Uyazi ukuthi kungani silapha, Uyazi ukuthi ngaphendula uMfowethu Carlson ngalobobusuku ocingweni, "Yebo, ngizizwa ngiholwa." Manje, Baba, konke kusezandleni zaKho, yenza ngathi njengoba Ubona kufanelekile. Ngokuba siziveza thina kuWe neZwi laKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

12 Ngale eNcwadini yabaseKolo-. . . , e, kwabaseGalathiya, njalo, okwendikimba kulentambama, ngifuna ukuthatha indaba esahlukweni 3 kwabaseGalathiya, nevesi 29.

> Ngokuba *uma ni*kuKristu*, khona-ke niyinzalo ka-Abrahama,* ni*yizindlalifa ngokwesithembiso*.

13 Futhi manje, ngisondela kulendaba, kulentambama, okwesithathu enginakho, ezinyangeni ezimbili ezedlule, ukuthi ngishumayele ngalendaba. Ngoba ngenze lokhu yingoba ngicabanga ukuthi—ukuthi uma besingenayo inkonzo yokuphulukisa, benginganikela isikhathi esithe xaxa kulokhu, ngoba, ngombono wami, ungomunye wemikhulu, imilayezo egqamile yalelihora esiphila kulo.

14 Kuqala, ngithanda nje ukubuza lombuzo: Bangaki abalapha abangamaKristu, amaKristu azelwe ngokusha na? Phakamisa isandla sakho, kuso sonke isakhiwo, ndawo zonke. Ngikholwa ukuthi kungamaphesenti ayikhulu, yonke indawo, amaKristu azelwe ngokusha.

15 U—umqaphi ubengakwenza, niyazi, angisuye omunye walaba bashumayeli abagqamile, futhi ngingathanda, uma ningacisha lawomalambu amakhulu, uma ku. . . uma singakwenza, ngizokuthokozela kakhulu impela. A—angikuthandi lokhu, abakubiza ngamalambu abhanyazayo, nohlobo oluhlukile lamalambu, ngithanda nje iLambu likaMoya oNgcwele, cishe yiLo kuphela engingacabanga ngalo, nalawa amanye athi ukungiphatha kabi kancane.

16 Futhi ngakho manje, kulentambama, mina, ninamaBhayibheli enu, futhi, mhlawumbe, ipensela nephepha, ngingathanda ukuba nibhale lena phansi, futhi niyifundisise emva kokuphela kwezinkonzo, nasevikini elizayo. Manje, ngikholwa ukuthi sabelwe lapha kuze kuthi cishe sikhathi sini senze. . .? Kuze kube ngelesithupha nqo. Lokho kuzongivumela ngithole okukodwa kokuthathu kwakho kuqediwe. Futhi ngakho, bese kuthi kamuvanyana, mhlawumbe singangena kukho kangconywana.

Manje, ngiyabonga, mnumzane. Lokho kuhle kakhulu, kakhulu. Manje ubukeka ungcono.

17 Ngi—ngifuna ukuthatha lendaba, noma, ukudonsa kulendaba ingqikithi engithemba ukuba yile: *U-Abrahama NeNzalo yaKhe Emva kwaKhe*.

18 Manje ngithanda ukwenza. . .Ngikholwa ukuthi lezi yizipikha ohlangothini ngalunye lapha. Futhi ngifuna niqiniseke ukuthi niyakugcina lokhu engqondweni. Futhi ngizo. . .Nginamakhasi amabili emiBhalo alotshwe lapha, engingathanda ukubhekisela kulemiBhalo kini, ngenxa yokuthi ngiyakholwa ngokweqiniso, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi siphila nje kwintambama yesikhathi, kweziNkanyiso zakusihlwa zicima, noku—ukufika kukaKristu sekuseduze. Futhi ngikholwa ngokuyikho ngempela, futhi ngokweBhayibheli ngingakufakazisa lokho ngemiBhalo, ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, ukuthi sisesikhathini sokuphela.

19 Manje, noma ngingakwenelisa ngakho noma qha, angazi, kodwa kimi, kuyangenelisa ngempela. Futhi ngingenalo ikhono emfundweni, ngakho-ke ngisondela emiBhalweni ngokubuka kwesifanekiso, futhi ngifana kakhulu nomfanekisi, ukufanekisa obekuyikho, okuyoba yikho, ngoba siyazi ukuthi imiBhalo ngamunye unencazelo eyinhlanganisela. Lokho, njengakuMathewu 3, kwathi, "Ngibize indodana yami iphume eGibhithe," manje, uma uzobuyisela emuva lokho kubhekisela, uzothola ukuthi kwakusho uJakobe, indodana yaKhe, kanti futhi uJesu, iNdodana yaKhe.

20 Ngakho ekufanekiseni, siyabona lapho iTestamente eLidala lifanekisa eLisha, nawo onke lamathunzi ehlukene nezifanekiso, njenge—inyanga nelanga ngumfanekiso kaKristu neBandla. Futhi lapho ilanga lishona, inyanga inikeza ukukhanya lapho ilanga lingekho, njengoba nje iNdodana yashiya umhlaba ukuba iye eNkazimulweni kuYise, khona-ke iNyanga, iBandla, linikeza ukuKhanya. Nokuthi inyanga ikuthola kanjani ukukhanya kwayo kubonakalisa ukukhanya kwelanga emhlabeni, ngokukhanya okuncane.

21 Futhi zonke lezizinto, kungahle kubonakale kufana kakhulu nesimo sengane kosiyazi bezenkolo abakhulu, kodwa angikholwa ukuthi ngikhuluma nabaningi kakhulu balabo, futhi uma—uma ngikhuluma, khona-ke ngiyaxolisa ngendlela yami yokungakwazi ukufunda nokubhala yokuzama ukukwethula. Kodwa ngizocela ukuthi nizokuhlola ngokucophelela ngaphambi kokuba niphikisane nakho ngokudelela.

22 Manje ku-Abrahama neNzalo yakhe, ngizothatha ngakuloluhlangothi *ngapha* ukuba ngu-Abrahama, ngithathe ngaku*lolu*hlangothi, njengalesi sisipikha, iNzalo yakhe emva kwakhe. Manje, *lesi*sipikha lapha simele u-Abrahama, na*lesi*sipikha simele iNzalo yakhe emva kwakhe.

23 Manje, iBhayibheli lathi, ngapha kwa—kwabaseGalathiya 3:29, "Futhi uma ningabakaKristu, khona-ke niyiNzalo ka-Abrahama, ne—nezindlalifa ngokwesithembiso." Manje, sonke sizovumelana ukuthi isithembiso sanikwa u-Abrahama. Futhi besilokhu sizibuza kaningi, futhi ngisondele kulendikimba

ngenye indlela kunaleyo engihlose ngayo kulentambama. Ngisondele kuyo ngendlela yokukholwa yeBandla, amakholwa, kanjalonjalo, ukwakha ukukholwa ekuphulukiseni, kodwa ngokuba kulentambama, abakwenzanga, akukho-muntu, okwamakhadi, khona-ke ngicabange ukuthi kuzonginika isikhathi sokuchaza lokhu, ngenkathi sisenethuba.

24 Manje, u-Abrahama, ngifuna ibandla likusho kanye nami, sonke i—isigaba, engizonibiza, ukuba nikusho kanye nami, ngaku*lolu*hlangothi ngu-Abrahama, "U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe." Manje, isithembiso senziwa ku-Abrahama, ne (isihlanganiso esibopha umusho), u-Abrahama *ne*Nzalo yakhe emva kwakhe. Khona-ke umBhalo wathi, "Uma nikuKristu, khona-ke niyiNzalo ka-Abrahama." Ngabe kunjalo na?

25 Manje, singena kanjani kuKristu na? Indaba iqala kulokhu: Sifika kanjani, kuKristu na? Kungenkathi thina, siba ngamaKristu. Siba kanjani ngamaKristu na? Lapho sigcwaliswe ngoMoya kaKristu, khona-ke ukuphila kwethu kubuswa ukuPhila kukaKristu, okukithi.

26 Manje, njengokuthi uma umvini wathela, u—umvini wamagilebhisi, u—uthela amagilebhisi, nomvini wekhabe uthela ikhabe, khona-ke uma uKristu ekuwe, khona-ke ukuphila uKristu akuphila, nemisebenzi uKristu ayenza, nani niyoyenza. Washo njalo kuJohane oNgcwele 14:7, noma :8, ngikholwa ukuthi yikho, kwathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, neminingi kunalo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba."

27 Manje, isithembiso senziwa kuKristu, noma, ku-Abrahama, neNzalo yakhe, futhi thina sikuKristu siyiNzalo ka-Abrahama. Manje, singena kanjani kuKristu na? Ngabe singena kuKristu ngokuvuma na? Qhabo. Ngabe singena kukho, kuKristu ngokujoyina ibandla na? Qhabo. Ngabe singena kuKristu ngombhaphathizo wamanzi na? Qhabo. Singena kanjani kuKristu na? KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 12, sasho ukuthi "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye," okunguMzimba kaKristu. NgaMoya munye sonke sibhaphathizwe sibe-Mzimba munye, futhi sibe ngamalunga aloMzimba.

28 Manje, siyakukhumbula lokho ngaloMoya oNgcwele silethwa eMzimbeni kaKristu futhi sikhululekile ezahlulelweni zikaNkulunkulu. Ngeke size ekwahlulelweni emva kokuba wena ukuKristu, ngoba uKristu wakuthathela ukwahlulelwa. Wama endaweni, njengo-Adamu nje. Ekuqaleni u-Adamu akakhohliswanga, futhi uThimothewu wesiBili usitshela kanjalo, wathi, "U-Adamu akakhohliswanga, kodwa u-Eva, ekhohlisiwe waba sesiphambekweni."

29 Manje, u-Adamu akakhohliswanga, wayazi impela ayekwenza, kodwa u-Eva wakhohliswa, wacabanga ukuthi wayenza okwakulungile. USathane umnika cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu iVangeli elimsulwa, namanye amaphesente amahlanu lalenele ukulahla lelo. Ngakho sifanele sibe, hhayi nje ingxenye yeVangeli, sifanele sibe yiVangeli eligcwele. Sifanele sibe neZwi lonke, ngokuba umphikukristu uyingxenye yomshumayeli weVangeli, siyakwazi lokho, nemisebenzi yakhe iyingxenye yeVangeli.

30 UJesu wathi, kuMathewu 24:35, ukuthi umphikukristu, ngezinsuku zokugcina, uyosondela kakhulu njengoKristu wangempela, kuze kudukise nabaKhethiweyo impela, uma kwakunokwenzeka. Ngimzwile uMfowethu Billy Graham esho ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, emlayezweni, ukuthi umphikukristu wayesevele ebakhohlisile abaKhethiweyo, kodwa lokho akunjalo. Mfowethu Billy, mina, ngingavumelani nomvangeli omkhulu kanjalo, kodwa bangeke (*Uma* kwakunokwenzeka, kodwa akunakwenzeka.), ngoba iBandla lakhethelwa ensindisweni yaPhakade, futhi akukho lutho olungaBehlukanisa, BangabakaKristu, futhi lokho—yilokho-ke. BaseMzimbeni kaKristu, futhi akukho okungaBehlukanisa. Naleyo yingxenye yendaba kulentambama.

31 Manje, sizosondela futhi sithole ukuthi u-Abrahama wayeyini, bese kuthi-ke iNzalo yakhe iyoba yini emva kwakhe. Futhi manje, ngithanda ukusho lokhu manje mayelana: IBandla lokuqala ukuthi, iBandla lamaKristu, elamiswa, lamiswa eJerusalema ngoSuku lwePhentekoste. Sonke isazi sezenkolo sizofanele sivumelane nalokho, sonke isazi sezenkolo sithatha ibandla labo emuva liye kulesosikhathi; ibandla eliKatolika. Futhi kuyiqiniso, ibandla eliKatolika liqala ngoSuku lwePhentekoste, kunjalo impela.

32 Kodwa kwehle njalo eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, iminyaka engamakhulu amathathu kamuva, basuka kulokho, futhi bangena enhlanganweni. Base-ke behlela elikhulu, ibandla lomhlaba wonke, okungukuthi i*Katolika* lichaza "umhlaba wonke," futhi kusukela kulokho baqala ukuba nokulandelana kobuphostoli, futhi bakhuphule enye indoda ukuba ithathe indawo kaPetru, nophapha, baqala ukubabiza ngababhishobhi, futhi njalonjalo. Futhi empeleni baqala ePhentekoste, kunjalo, ngoba yonke inhlangano yamaKristu iqala ePhentekoste.

33 Manje, into engizibuza yona, uma sonke sikholwa ukuthi siqala emuva lapho, pho kungani singenzi njengoba benza emuva lapho na? Kungani singenazo izibusiso zikaNkulunkulu phezu kweBandla njengoba babenazo ngaleyonkathi na? asibe yiKatolika, kumbe noma ngabe siyini. Manje-ke kungani singenawo uMoya ofanayo, uhamba futhi wenza imisebenzi efanayo abayenza emuva lapho na? Ngabe yingoba sithola

okunye *okuthize* okuncane, futhi sizinze kukho, futhi senze imfundiso ngakho, futhi isikhathi, futhi sikuhlele, futhi sikuyeke kuhambe kanjalo, bese kuthi-ke sithi, "*Nakhu* la sikhona!" UNkulunkulu usuka ngqo futhi asishiye.

34 Yilokho nje Akwenza kwiKatolika, iLuthela, iPresbyterian, iBaptisti, iMethodisti, namaPentecostal, futhi kuqhubeke njalo njalo, Wenze into efanayo. Futhi Uzoqhubeka akwenze, lapho udweba umugqa bese uthi, lokho "Awu, sizozihlanganisa ndawonye, futhi sizehlukanise nabo bonke abanye." IBhayibheli lathi bayokwenza lokho ngezinsuku zokugcina, kubonakala sengathi bengenakho ukukholwa. Futhi kunjalo. Sifuna ukukholwa okwake kwaba khona.

35 Manje, siqala lapho, futhi siyazi ukuthi lokho kwakungukuqala kweBandla, futhi lokho, ikakhulukazi, ekuqaleni kwakungamaJuda onke. Emva kokuba abantu abangamaJuda sebevangelile, khona-ke kwangena kumaRoma, nakumaGreki, kanjalonjalo, futhi kwaqala, kodwa inguquko ingena e, emuva ekuqaleni kwamakhulu ayishumi nanhlanu, futhi lapho kuqala, ibandla lamaKristu, liqala ukuzihlela lona, noma lizihlanganise ndawonye, futhi siphila onyakeni wokugcina webandla manje, iLawodikeya, ngokomBhalo.

36 Manje, *lowo* ngu-Abrahama, *lena* yiNzalo yakhe emva kwakhe. Manje, phenyani uma nifisa, kuGenesisi 12, futhi siqala lapho uNkulunkulu abiza khona u-Abrahama. Futhi manje, into yokuqala engifuna niyazi, ukuthi ngenkathi uNkulunkulu, kuGenesisi 12, ebiza u-Abrahama, kwakungokhetho. Kwakungesikho ngoba u-Abrahama wayelungile, kwakungengenxa yokuthi u-Abrahama kwakumfanele, kwakungenxa yokuthi uNkulunkulu wakhetha u-Abrahama, hhayi u-Abrahama ekhetha uNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu ekhetha u-Abrahama. Futhi yileyondlela Abiza ngayo iNzalo yakhe, futhi, hhayi lokho ofuna ukuba yikho, "kungabi ngothandayo, noma ogijimayo, kodwa uNkulunkulu ohawukelayo." Ngabe lowo ngumBhalo na? Impela. Akusikho ofuna ukuba yikho, kuyilokho uNkulunkulu akukhethele ukuba ube yikho.

37 U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, hhayi *izinzalo*, manje, i*Nzalo* emva kwakhe, manje, iNzalo ethenjisiwe. Manje, sithola ukuthi ngenkathi uNkulunkulu ebiza u-Abrahama, kwakungokhetho. Ngibezwile abantu izikhathi eziningi bethi, "Ngafuna uNkulunkulu, ngafuna uNkulunkulu." Qhabo, ngiyehluka kini. Awuzange ufune uNkulunkulu, uNkulunkulu wafuna wena kuqala. Awufuni neze uNkulunkulu, nguNkulunkulu efuna wena. Nguwe ongeke uzinikele kuNkulunkulu.

38 Kufana nje nokuthi uma ubungatshela ingulube, esibayaneni sezingulube, ukuthi—ukuthi ayifanele idle ingxavungxavu. Uma

ibingakhuluma, ibiyokutshela, "Ngani, naka izindaba zakho." Niyabo? Ize imvelo yayo iguqulwe, khona-ke iyohlala njalo iyingulube.

39 Uhlala njalo uyilokho wena, isoni, ngoba uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga. Futhi uyisoni ngokuzalwa. Futhi, bukani ukuthi u-Adamu wenzani, wathi nje angaba yisoni, akazange azame ukufuna uNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu efuna u-Adamu. Ngempela wayemele isintu khona lapho, ngenkathi ezifihla emva kwamanye amaqabunga omkhiwane, azenzela yena uqobo, njengoba kwenza abantu abaningi namhlanje, "Ngingowebandla, futhi ngifake isibhinco sami samaqabunga omkhiwane." Kodwa kwakunguNkulunkulu efuna u, u-Adamu, futhi hhayi u-Adamu efuna uNkulunkulu.

40 Kwakufanele kube u-Adamu ememeza kakhulu, "Baba, Baba, uphi Wena na?" Esikhundleni salokho, kwakunguNkulunkulu ethi, "Adamu, Adamu, uphi na?" Futhi leyo yinto efanayo namhlanje, ngakho-ke akukho nokukodwa okuncane okuhle ngathi, ukuthi singasho ukuthi sasihlangene nganoma yini ngensindiso yethu. KwakunguNkulunkulu esibiza ngokhetho.

41 Manje, ngifuna nikugcine engqondweni, kokuthathu. Zonke izikhathi kunezigaba ezintathu zabantu emhlabeni. Bavela ezinhlangeni ezintathu zabantu, bavela kuHamu, uShemu, noJafete. Siyazi ukuthi uPetru ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi uJesu wayemnike izihluthulelo ukuvula iVangeli kumaJuda, khona-ke kumaSamariya, bese kuthi-ke kwabeZizwe, lokho kwaba, kwakuqeda. NgokomBhalo, zonke izinhlanga zomhlaba zivela kulabobafana abathathu.

42 Futhi manje, kunezigaba ezintathu zabantu ohlala njalo ekuwo onke amabandla, abenziwe ndawo zonke, nomaphi lapho ubathola khona, lokho ngamakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Uthola lezozigaba ezintathu zabantu cishe kuwo onke amabandla elikhona ezweni, abazenzisi, nabangakholwayo, namakholwa.

43 Manje, u-Abrahama, wabizwa ngomusa, manje, uNkulunkulu akashongo, futhi qaphelani, uNkulunkulu ngenkathi Ebiza u-Abrahama, Akashongo ukuthi, "Abrahama, *uma* uzokwenza into ethize, Ngizokwenza into ethize." Wathi, "Abrahama, seNgivele ngikwenzile. Hhayi lokho owakwenza, engakwenza!" Lokho uNkulunkulu akwenza, Washo.

44 Manje, ngenkathi Enza isivumelwano no-Adamu, "Uma ungeke usithinte lesosihlahla, uyophila phakade," u-Adamu wasephula. UMose nabo, "Uma nigcina imiyalo, Ngiyo—Ngiyokwenza *ukuthi-nokuthi*, uma nephula imiyalo, Ngiyokwenza *ukuthi-nokuthi*." Lapho uNkulunkulu enza isivumelwano nomuntu, umuntu wephula isivumelwano sakhe

noNkulunkulu. Kodwa ukuze abaKhethiweyo, iBandla, aBantu abakhethiweyo, ababizelwe ngaphandle, iqembu laBantu elehlukanisiwe liyoqiniseka ukuthi lizosindiswa, uNkulunkulu wababiza ngomusa waKhe.

45 Akusikho ukuthi uNkulunkulu ubengathi, "Ngikhetha *wena* futhi ngilahla *wena*." Lutho neze. Kodwa uma Engongenasiphelo. . .Bangaki okholwayo ukuthi Ungongenasiphelo na? Awu, khona-ke Wayazi kusukela ekuqa-. . .Wayazi kusukela ekuqaleni ukuthi ukuphela kuyoba yini. Yilokho imiBhalo ekushoyo, Ungosezindaweni zonke, owazi konke, onamandla onke, futhi ongenasiphelo.

46 Manje, uma Engongenasiphelo, ngokwazi kwaKhe ngaphambili, Wayazi ukuthi ubani oyoza kuYe, nokuthi ubani ongayikuza kuYe, Wayazi ukuthi ubani oyosindiswa nokuthi ubani ongayikusindiswa. Lokho ngempela bekuzonicacisela kwabaseRoma 8 nele 9, uma kukhona noma yimuphi umbuzo ngoNkulunkulu, ukuthi ngabe Ubiza abantwana baKhe ngokhetho noma qha. Ngokuba lapho, uPawulu ekhuluma ngo-Esawu noJakobe, ngaphambi kokuba noma yimuphi umntwana azalwe, engazi ngisho ukuthi yikuphi okwakulungile noma okungalungile, uNkulunkulu wathi, "Ngiyamthanda uJakobe futhi—futhi u-Esawu Ngiyamzonda," ngaphambi kokuba noma yimuphi umntwana abe ne—ne—nendlela ngisho yokwenza ukukhetha. Kodwa uNkulunkulu wayazi kusukela ekuqaleni ukuthi u-Esawu wayeyini, Wayazi ukuthi uJakobe wayeyini.

47 Futhi uNkulunkulu wayazi ekuqaleni ukuthi wawuyini, nokuthi yini ongesiyo. Ngakho, ngakho-ke singeke saba yilutho kodwa lokho. . .Uma singenakufana nomunye umuntu, masibe yilokho uNkulunkulu asenza khona, yilokho kuphela esingakwenza. Noma yini enye evela kulokho, bekungaba ngukuzenzisa, besiyoba ngumzenzisi, ngakho asifuni ukuba yilokho, bekungaba ngcono, ube umphikinkolo kunokuba ngumzenzisi. Asibe yilokho nje esiyikho.

48 Futhi zonke lezizinto zifanele zi—zifanele zisebenze ndawonye ukwenza amasondo amakhulu kaNkulunkulu aqhubeke, futhi akukho neyodwa into engahambi kahle, ngizokuqinisekisa kuwe lokho. Yonke into. . .Ucabanga ukuthi udeveli angake anqobe uNkulunkulu na? He! Impela ngeke. Ngakho angeke. UNkulunkulu, yonke into i, ikwenza kusebenzelane kube ngokuhle kulabo abaMthandayo, Wenza nje yonke into idonse ngqo kahle impela. Into kuphela Anenkathazo ngayo ngukusidluthula sibuyele emgqeni, lapho ebesifanele sibe khona, yilapho uNkulunkulu enenkathazo yaKhe khona.

49 Manje, Wabiza uJakobe, hhayi, e, wabiza u-Abrahama, ngiyaxolisa, ngokhetho nangomusa, futhi umnika ukuPhila okuPhakade, futhi wamtshela ukuthi Wayezoza kuye

esemdala, wayengadingekile ukuba enze neyodwa into ngakho. Into kuphela, kwakungomusa, futhi yileyondlela impela iBandla elibizwa ngayo namhlanje, kungomusa nisindiswe ngokukholwa, futhi siyazi ukuthi lokho kuqinisile.

50 UNkulunkulu wabiza iBandla ngomusa waKhe. Ukuba bekungenjalo, namhlanje, ngenxa yomusa kaNkulunkulu, beniyobe niphandle lapha emvuleni nibuka umdlalo webhola ndawondawo, ubuyobe uphandle lapha emigwaqeni emikhulu uzungeza, ubuyoba sebhareni ndawondawo, ube phandle nomfazi wenye indoda, noma indoda yowesifazane othize, ubuyoba yi, phandle ezweni, kodwa kungobizo nomusa kaNkulunkulu, ukuthi Uguqule imiqondo yenu, wanenza izidalwa ezintsha kuKristu Jesu, nomphefumulo wethu ubheka phezulu kuYe, namhlanje, ngokulindela ukufika kwaKhe.

51 Ngakho-ke ngale kwabaseKolose siyathola, kwabaseKolose 3, kwathi, "Ningaqambelani amanga, nazo zonke lezizinto enanivame ukuzenza, bekani lezozinto eceleni, akukho-nzondo, akukho-mbango, nakho konke nokuthandana. Ngokuba ukuphila kwethu, sifile, ukuphila kwethu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu futhi kwabekwa uphawu lapho ngoMoya oNgcwele. Futhi lapho uKristu, o*nguku*Phila kwethu, eyobonakala, siyakubonakala kanye naYe." O, i—indoda enje pho. . .Obekungakwenza kowesilisa noma owesifazane onalelothemba liphila kubo namhlanje, ukubona ukuthi sisezinsukwini zokugcina, futhi sazi ukuthi ukuPhila kwethu, uKristu, lapho Ebonakala, siyobonakala siphila kanye naYe! Amen. SineSibambiso sakho manje, ngoMoya oNgcwele.

52 UNkulunkulu wabiza u-Abrahama, futhi qaphelani, ngenkathi uNkulunkulu ebiza u-Abrahama, Wambiza ukuba azehlukanise nakho konke okunye ukungakholwa. Akunandaba ukuthi babekholwa kanjani, ukuthi babeqotho kangakanani, ukuthi babebahle kanjani, Wabiza ukwehlukana okuphelele. Futhi uNkulunkulu, lapho Ebiza umuntu, Umbizela ekwahlukaneni okuphelele, uma eyiNzalo ka-Abrahama, ukuba uzehlukanise nezinto zezwe, kulempilo yesimodeni.

53 O, abefundisi, namhlanje, banesikhathi esinjalo nokukhipha abantu babo baye emhlanganweni womkhuleko ngoLwesithathu ebusuku, ba—bayazithanda izinhlelo zethelevishini, futhi—futhi bayakuthanda ukuzijabulisa. NgeSonto, abafuni ukuza esontweni ngeSonto, abaningi babo. Bayangitshela, abefundisi, ukuthi izihlalo zesonto azinalutho, zithululwa, ngenxa yokuthi abantu sebeqala ukuhamba. . .Izwe linikeza izinga elingaka, noku*fekethisiwe* okuningi kangaka, no—nobulivilivi phezu kwezinto zezwe, nabantu bawela kulokho.

54 Manje, lokho kukhombisa ukuthi ekuqaleni, babengenalutho ukuqala ngalo. Ngokuba uma uthanda uNkulunkulu, ngi. . .ungeke, ubungeke uzibophele ngocingo

uzikhiphe ebandleni, abakwazanga ukukubophela ngeketango kude nalo, abakwazi ukufihla ikholwa kuNkulunkulu.

55 Yena, enhliziyweni yakhe, o, angahle akhohliswe ngakho konke. Manje, kunabantu abaningi ngempela abacabanga ukuthi baqinisile, kodwa uma nje ubungama futhi ubhekisise impilo yakho, ubuzobona ukuthi ba... uMoya kaNkulunkulu awukho phakathi lapho. Uma kungahambisani naleliBhayibheli, khona-ke kukhona okungalungile ngesehlakalo onaso. Ngakho ufanele ubuye futhi uhambisane emgqeni neZwi ukubona ukuthi ukuPhila kukaNkulunkulu kukuwe yini.

56 Uma uthanda izwe kangcono kunokuthanda umhlangano womkhuleko, uma ubungaqoka ukubuka uhlelo lwethelevishini kunokuba ukhuleke, kukhona okungalungile ngawe. Uma ungaqoka ukuthatha ukugibela ngeSonto ntambama esikhundleni sokuya esontweni, kukhona okungalungile ngawe ndawondawo, "Ngoba lapho inhliziyo yakho ikhona, yilapho ingcebo yakho ikhona futhi," kwasho iNkosi uJesu. Inhliziyo yakho yakhelwe kukho, uyingxenye yakho, uba yingxenye kaKristu, ngoba wakhelwe esakhiweni sikaKristu, ngoba unguMlobokazi kaKristu, uma uMthanda.

57 Manje, uNkulunkulu wambiza ngokhetho, umnika isivumelwano kuGenesisi isahluko 12, manje, sifuna ukukhumbula lokho, futhi sibize ukwehlukana okuphelele kuzo zonke izinto zezwe. Manje, u-Abrahama akamlalelanga uNkulunkulu. Manje, ngizobiza lokho...

58 Manje, uma lapho...Uma ngikhuluma izwi elilodwa lapha, kulentambama, eliphambene nenkolelo yanoma ubani, awu manje, awusukumi nje futhi uphume, ngoba lokho kukhombisa ukuphakama kwakho. Niyabo? Kodwa nje, ku...Ake ngisho lokhu: Ngikholwa ukuthi uma umuntu eyiKatolika, futhi uthembele ebandleni eliKatolika ngensindiso, ulahlekile. Ngikholwa ukuthi uma umuntu engowebandla eliKatolika futhi uthembele kuJesu Kristu ngensindiso, usindisiwe. Uma eyiBaptisti, noma iPentecostal, futhi ethembele ebandleni ngensindiso, ulahlekile. Uma ethembele kuJesu Kristu, usindisiwe, ngoba ngokukholwa usindiswa ngomusa. Niyabo, ngukukholwa kwakho—kwakho okuqondene nawe kuKristu yilokho okukusindisayo.

59 Futhi akukho bandla elingakusindisa, akukho nhlangano engakusindisa, akukho qembu labantu elingakusindisa, nguKristu, futhi Yena yedwa, ukuthi usindisiwe. Futhi ngakho, ufanele ukugcine lokho engqondweni. Ngakho, manje, uma ngishaya ihlelo kulentambama, noma okuthize o—ongowakho, ngicela nihlale nithule lapha kancanyana, ngize ngenze leliphuzu kubantu, uma nithanda.

60 Manje, sithola ukuthi ukulungisiswa, uNkulunkulu wabiza u-Abrahama ngokulungisiswa, futhi ngomusa Wambiza, ngokukhetha, wakhethwa, ngomusa wabizwa futhi wanikwa isivumelwano naYe. Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe nezwi elilodwa ukusho ukuthi ngabe laliqinisile noma lalingalungile, noma ngabe wayezokwenza, noma wayengeke, uNkulunkulu wambiza. Ngabe kunjalo na? Manje, funda elokuqala, isahluko 12 sikaGenesisi, elokuqala, cishe eleshumi lokuqala, noma amavesi ayishumi nanhlanu, futhi nizokubamba. Kulungile.

61 Manje, futhi manje-ke siyaqaphela ukuthi esahlukweni 15 sikaGenesisi, manje yilokho uNkulunkulu akwenza enye into ku-Abrahama. Manje, siyibize kanjani i. . .? Wambiza kanjani u-Abrahama na? Ngokukholwa, wambiza ngomusa, wamsindisa ngomusa, wamlungisisa ngomusa. Ngabe kunjalo na? Walibiza kanjani iBandla, iNzalo ka-Abrahama na? Ngokukholwa, ngomusa, ukulungisiswa ngomusa, ngokukholwa, njengoba nje Enza ku-Abrahama, kanjalo Wenza iNzalo ka-Abrahama emva kwakhe. Bonke abakholwayo abathi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Kukhona ukulungisiswa.

62 Manje, yiliphi ibandla ebelingamela ukulungisiswa na? Enguqukweni yokuqala kwakunguMartin Luther, owavela eshumayela ukulungisiswa ngokukholwa, sonke siyakwazi lokho. Lowompristi osemncane waseJalimane, owaphosa isidlo ealtare, futhi wathi kwakungesilo iGazi likaJesu Kristu, noma, isinkwa ikosha, ukuthi wayazi ukuthi kwakuyisinkwa nje, ne—newayini, ngakho wa—wasiphosa e-altare wayesethi sasimele umzimba kaKristu. Futhi yilowo umehluko owehlukanisa iKatolika neProtestane. Omunye wathi, iKatolika lithi, "*Ngu*mzimba kaKristu." Nomunye wathi, "Si*mele* umzimba kaKristu."

63 Manje, uLuther wathi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa." Futhi lokho yikho impela ukubizwa kokuqala kweNzalo ka-Abrahama emva kwamakhulu eminyaka yezikhathi zobumnyama, ukwakha iBandla eliyongena oHlwithweni. Manje, kubekezelele umzuzu. Manje, Wambiza kanjani u-Abrahama na? UGenesisi 12 manje, ngokukholwa, ukulungisiswa ngokukholwa, Wabiza iNzalo ka-Abrahama elandelayo, okwakungokukholwa, ngokulungisiswa.

64 Manje, u-Abrahama akamlalelanga ngokugcwele uNkulunkulu. Waze walalela uNkulunkulu ngokugcwele, uNkulunkulu akazange asiqinise isivumelwano kuye. Manje, esahlukweni 15 sithola ukuthi Waqinisa isivumelwano ku-Abrahama. Wakwenza kanjani na? Qaphelani, Watshela u-Abrahama esahlukweni 15, nizokuqaphela lokhu: Ukuthi Wamtshela ukuba athathe isithokazi esineminyaka emithathu ubudala, imbuzi, nemvu, eneminyaka emithathu ubudala, futhi wakuhlukanisa, nokukunikela kuYe.

65 No-Abrahama ethathe lezizilwane ezintathu zeminyaka emithathu, njengoba nginitshelile, ukwehlukana okuthathu, okuthathu njengobuthathu, kanjalonjalo, okuthathu, manje, siyabona ukuthi wazisika lezi wazivula futhi wazehlukanisa. Wase-ke ebeka amabili: ihobhe, nephuphu lejuba phakathi lapho, akazange ahlukanise lezozinyoni, ngoba kusukela eTestamenteni eLidala kuya eTestamenteni eLisha, igazi lomhlatshelo laguqulwa. Kodwa ihobhe nejuba elifuywayo lalimele ukuphulukiswa, ngokuba siyazi ukuthi lokho kwakungukuhlanzwa kochoko nokunye nokunye, kokuphulukisa. Futhi ukuphulukisa bekulokhu kwesekeleke njalo phezu kokukholwa kwakho kuNkulunkulu. Khona-ke uma ngithi . . .

66 Wena uthi, "Ukuphulukisa kwakungafakiwe eTestamenteni eLisha, ekubuyisaneni okusha."

67 Awu, uma ukubuyisana okudala kwakunokuphulukisa kukho, akusikho yini lokhu okungcono na? Ubungasho kanjani-ke ukuthi akunjalo na? Kodwa konke kusekeleke ngokufanayo.

68 NjengoMfowethu Hegre, noma abanye balaba bazalwane esikhathini esingeside esedlule, abazalwane bamaLuthela, owangitshela ukuthi babemazi umthakathi owaphulukisa abantu, ngathi, "Qhabo, awukaze. Awukaze ubone-mthakathi ephulukisa umuntu." Nokho, ngike ngaba se-Afrika futhi ngibabone, ukuthi benyukela phambi kwenyanga-mthakathi futhi bathole ukuphulukiswa. ELa Salle, eLorraine, eFransi, kunendawo lapho, ezansi e—e, lapho ngase, ngicabanga ukuthi nguMfula iSeine okuyiwo, lapho ibandla laseNotre Dame, kukhona owesifazane ofile ongcwatshwe lapho, indawo enkulukazi ehlikihliwe lapho beya khona lapho, futhi bayihlikihle ukugcina izinhlupho zisuke edolobheni, lelidwala ngaphezu kwalona wesifazane ofile. Ngani, impela. Futhi izinto ziyenzeka. Impela, ngukusondela. Abantu bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu ngalesosithombe, abantu bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu ngenyanga-mthakathi.

69 Futhi izikhathi eziningi, abantu abasemasimini namhlanje lapha eMelika, amadoda athi, "Woza nje, o, ngi—nginokuphulukiswa." Lokho—lokho akulungile. Abahle, abafundisi beVangeli abazwakalayo abakufundisi kanjalo, bakufundisa njengasekubuyisaneni uKristu akuphulukisa. Futhi balapha, njengamadoda kaNkulunkulu, ngukukholwa, ukukholwa nokukukhulekela. Kodwa lapho uzwa omunye ethi, "Ngingakuphulukisa, nginokuphulukisa, ngenze *lokhu*," lokho kuyiphutha. UKristu wakwenzela lokho ngenkathi Efela eKalvari ngenxa yakho. Leso yisibusiso esingesakho. Ngokwakho . . .

70 Nalababantu basondela kulezizithixo, nezithombe, nezinyanga bathakathi, nababhuli, nazo zonke lezozinto

ezehlukene kanjalo, bayaphulukiswa ngoba bakukholiwe ukuthi lapho, basondela kuNkulunkulu, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwesekeleke phezu—phezu kokukholwa, uma ukukholwa.

71 Manje, yingalesosizathu ihobhe nejuba elifuywayo kwakungehlukaniswanga. Nginitshelile ngoluny'usuku ngingafinyelela kulokho, futhi ngicabange ukuthi ukuba nesikhathi esiningi njengoba nginaso kulentambama, ngizozama ukunitholela khona. Yingalesosizathu kwakungenjalo, babengahlukaniswanga. Kodwa abanye wahlukaniswa, bahlukaniswa kabili.

72 Manje, wayenzani uNkulunkulu na? Ukubulala lezizilwane, kuthathe igazi, ukuze kube khona umhlatshelo wokuhlanzwa kwesono, kuzofanele kubekhona umnikelo wegazi. UNkulunkulu wasekela lokho kuGenesisi, ngenkathi umuntu ezama ukuzakhela inhlangano, noma uhlobo oluthize lwesibhinco seqabunga lomkhiwane, futhi asizungeze, uNkulunkulu wala ukumbheka.

73 Futhi uNkulunkulu, lapho uNkulunkulu eke wenza i—inkulumombiko, lapho uNkulunkulu eke asho noma yini, lapho uNkulunkulu eke wabiza enkundleni ukuba enze isinqumo, lesosinqumo Asenzayo sizofanele simele iPhakade, ngoba iZwi laKhe liphelele. Akakwazi ukubuyela emuva bese ethi, "Benginephutha izolo, ngazi kakhulu ngakho namhlanje." Angaba kanjani ngongenasiphelo futhi—futhi enza inkulumombiko, futhi—futhi-ke ufanele abuyele kuyo na? Kanjani na? Lokho kusinika ithemba kuLowo esikhuluma ngaye, uNkulunkulu, Angehluleke.

74 Uma uNkulunkulu ake abizelwa ukuphulukisa umuntu ogulayo, futhi Wamphulukisa ezisekelweni zokukholwa kwakhe, uma omunye umuntu eza ezizindeni ezifanayo, Uzofanele ahlangabezane nalesosimo esifanayo, noma Wenza okungalungile ngenkathi Ephulukisa umuntu wokuqala. Impela.

75 Uma Asindisa umuntu phezu kwezisekelo zokukholwa, khona-ke sizongena kanjani-ke phezu kokujoyina ibandla, nokufafaza, nemibhaphathizo, kanjalonjalo na? Kungokukholwa, ngomusa, ngamandla. UNkulunkulu, ngento ethile obu...into ethile ohlangabezane nesidingakalo sikaNkulunkulu, futhi Wakubiza futhi waguqula impilo yakho ngaphambi kokuba ngisho ubungenza noma yini ngakho.

76 Ngani, akukho lutho kuwe, uyisoni kwasekuqaleni, futhi akukho lutho lapho ukuguquka, ngakho uNkulunkulu, ngomusa waKhe, wakwazi ngaphambili wena, futhi wakubizela enkonzweni yaKhe, naseSidlweni saKhe sakusihlwa soMshado. Niyabo, akukho ongakwenza ngakho nhlobo. Umusa kaNkulunkulu ngakho konke, uNkulunkulu wakwenza

ngomusa. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo," hhayi ozenzisayo, kodwa, "akholwe NgoNgithumileyo, uno," inkathi yamanje, "ukuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Amen.

77 Sizofika kanjani ngakulokho na? Kuningi kakhulu okokuzenzisa, amadlingozi aqhubekayo nezinto ezehlukene kanjalo, kodwa lapho enhliziyweni yakho ukukholwa, lapho kukhona okwenzekile kuwe, ukuthi uNkulunkulu wakwenza, futhi uNkulunkulu nguYe kuphela ongakwenza, ngakho uNkulunkulu, ngomusa nokhetho, faka lokho enhliziyweni yakho ukuba ukukholwe. Kwakungekho lapho kwasekuqaleni, futhi wawungenandlela yokukubeka lapho, uNkulunkulu wakubeka lapho, futhi waluphendula ubizo.

78 Manje, qaphelani, kuGenesisi isahluko 15, ngenkathi Efundisa u-Abrahama ukwehlukana, ngenkathi u-Abrahama wayeselungele ukuzehlukanisa nge, kuLoti ongakholwa, ilunga lebandla elisivivi, ngenkathi uLoti ehlela eSodoma, futhi—futhi uba yimeya yedolobha, futhi wamakhela isonto elihle ezansi lapho, noma okuthize, noma yini ayenza, khona-ke uNkulunkulu wahlangana no-Abrahama, futhi banikela ngomhlatshelo wegazi wokwehlukanisa, futhi baqinisa isivumelwano ku-Abrahama. Amen. Ngokuba ngaphandle kokuchitheka kwegazi akukho ukwehlukana nesono, niyabo, kungegazi elichithiwe.

79 Manje, qaphelani ukuthi Yena . . . okwenzekile, Wathatha izilwane futhi wazinquma wazihlukanisa. U-Abrahama wabhekisisa laze lashona ilanga, futhi kwabakhona u—ubuthongo obunzima obehlela phezu kuka-Abrahama. Futhi ngenkathi eqaphela ubuthongo obujulile bufika, lokho kwakusho ukufa, kufanele thina sonke, sonke siza lapho kulokho okukhulu, ukulala kwaPhakade.

80 Manje, siqaphelile masinya emva kwalokho, wabuka phambi kwakhe, nokwesaba okukhulu kobumnyama nesithando somlilo esithunqayo. Kuyini na? Isihogo. Phansi edabula esigodini sethunzi lokufa, wonke umuntu uya esihogweni, ilapho engowakhona, kwase kuthi-ke nje ngale kwalokho kwahamba okuncane, ukuKhanya okumhlophe, okwangena phakathi kokunye kwalawomanxeba enyama. U-Abrahama enesivumelwano esiqiniswe kuye yiNkosi uNkulunkulu, ukuthi Wayezomthatha kanjani u-Abrahama futhi amenze ubaba wezizwe, ukuthi Wayezomsindisa kanjani u-Abrahama neNzalo yakhe, Wayenza isiqinisekiso sesivumelwano ngegazi elichithiweyo lezihlanzekile, izilwane ezinikeliwe.

81 Manje, sisenza kanjani isivumelwano na? Ake sithi isibonelo nje, Mfowethu Carlson lapha, sukuma, umzuzu nje, Mfowethu Carlson, uma bengizothi, uMfowethu Carlson uthi, "Mfowethu Branham, ungeza eMiami ukuba, emhlanganweni na?"

82 Bengiyothi, “Awu, ake sikucabangisise, Mfowethu Carlson.” Bengiyothi, “Awu, ngikholwa kanjalo. Kulungile, ngizoza, Mfowethu Carlson. Xhawula.” Niyabo? Leso yisivumelwano. “Sizoba lapho.” Kunjalo. Lokho sekunakho. Niyabo? Sizokwenza isivumelwano kanjalo. Yileyondlela esenza ngayo isivumelwano.

83 Kanjani. . .? Niyazi eJapane ukuthi basenza kanjani isivumelwano na? Bayaphuma. . . Siyaphuma siyodla, ngokwejwayelekile. AmaJapane athola uphiso oluncane lukasawoti, bese ephosa usawoti omncane phezu komunye nomunye, basenza kanjalo-ke isivumelwano omunye nomunye, ngoba usawoti ungukuthintana, uyisinongo, niyabo. Ngakho baphosa usawoti komunye nomunye, benza isivumelwano.

84 Kodwa ngezinsuku zika-Abrahama, niyazi ukuthi babesenza kanjani isivumelwano emuva emazweni angasempumalanga asempumalanga ngaleyonkathi na? Babulala isilwane futhi bama phakathi kwalezizicubu ezifile zesilwane, babebhala ephepheni lesikhumba, noma isikhumba sewundlu, noma ngabe kwakuyini, futhi benza lombhalo wamaJuda, isivumelwano, noma ngabe kwakuyini. Bese kuthi-ke, bona, phezu kwalomzimba wesilo esifile bathatha isifungo, ukuthi uma bephule lesisivumelwano, mabasikwe babe yizicucu, njengoba sasinjalo lesisilo esifile. Base-ke bethatha isikhumba base besidabula, futhi omunye wagcina ucezu olulodwa, omunye wagcina olunye ucezu. Bese kuthi-ke ngenkathi lesisivumelwano sesibuyiswa, noma, ngenkathi isivumelwano sesilethwa ekugcwaleni kwaso, khona-ke lezizingcezu ezimbili zazifanele zihlangane okwesisila sejuba ndawonye, futhi zenza lesosikhumba nalezozinhlamvu zihlangane, uhlamvu ngohlamvu.

85 Yileyondlela isivumelwano esaqiniswa ngayo ku-Abrahama. Ukuthi, Wayekhombisa phakathi lapho Ayezokwenza, ezikhathini ezizayo, eNzalweni yobuKhosi Ayemethembise yona, nokho yena engenabantwana. Wayemthembise indodana, ukuthi wayezoba nayo. Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, noSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu ngenkathi kwenziwa isithembiso, futhi kwaba yiminyaka engamashumi amabili nanhlanu kamuva ngaphambi kokuba i—isithembiso size sigcwaliseke. Kodwa uNkulunkulu wasigcina isithembiso saKhe naye, ngoba u-Abrahama wagcina ukukholwa kuNkulunkulu.

86 Manje, sonke isikhathi, esikhundleni sokuba buthakathaka, u-Abrahama waya ngokuqina, iBhayibheli lasho. Wayenamandla, enika uNkulunkulu udumo, wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Akunandaba ukuthi kulibala isikhathi eside kangakanani, kuzokwenzeka, kuzokwenzeka.

87 Njengabantu namhlanje, bathi, “O,” iBhayibheli lathi

bathi, "Awukho umehluko kusukela esikhathini obaba bethu abalala ngaso. O, ngikuzwile lokho 'kufika kweNkosi' kusukela ngisengumfanyana omncane, umama wathi wezwa umama wakhe ekhuluma ngakho, ayikho into enjalo." Niyabo, khonake bayaphuma futhi badle, baphuze, futhi bajabule. Niyakubona lokho na? Bayaphuma bese beqala ukusuka, ngoba ngani na? Akukaze kubekhona ukuqinisekiswa kwakho enhliziyweni yabo okwamanje.

88 Kodwa lapho uNkulunkulu eke waqinisekisa lokho enhliziyweni yakho, esikhundleni sokuthola-. . . uma ungeyangempela, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso, esikhundleni sokuba buthakathaka njengoba ubona izinsuku zidlula, uzoya ngokuba namandla ngaso sonke isikhathi. Wena uthi, "Awu, uma ugogo engakubonanga, nomama engakubonanga, uma ngingakuboni, ngizobe ngikufuna. Futhi uma ngingakwenzi, abantwana bami bazokubona. Sinjalo, ngiyakukholwa. Ngilala ubuthongo ngomlindo wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu, wesithupha, noma wesikhombisa," noma yimuphi unyaka webandla, unyaka webandla wokuqala, noma kuye onyakeni webandla wokugcina, leyomilindo, eyimilindo, "Uma ngilala kuyo yonke, akunandaba ukuthi kukuphi, ngiyophaphama kuYe ngalokho kusa. Ngakho ngizolungela, ngikholwa ukuthi Uza kulonyaka."

89 Manje, kodwa lapho eba nobuvila, futhi athi, "Awu, ngi—awu, ngiyizwile leyonto," futhi aqhubeke, niyabo, akusiyo iNzalo ka-Abrahama. INzalo ka-Abrahama ayihlehli. Abekho phansi naphezulu, futhi ngaphakathi nangaphandle, futhi bahlubuke ngolunye usuku, futhi baya esontweni ngosuku olulandelayo, bese-ke bebuya, bahlala bemile. Mfowethu, bakuKristu, futhi bamile lapho, akukho lutho olungabanyakazisa. Kungani uJesu athi, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, amasango ehayidese angeLehlule." UNkulunkulu wayesesenzile isivumelwano no-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, naleloBandla liyoba lapho lingenabala noma umbimbi, ungethembela nje kulokho.

90 Ngakho, niyabo, lezi, lesisiqephu sezimpahla, noma—noma indwangu, kwakungalezozinsuku, hhayi indwangu, kodwa isikhumba, sasidatshuliwe, indoda eyodwa yathatha ucezu olulodwa, enye indoda yathatha olunye ucezu. Kwase kuthike ngenkathi lesisivumelwano sesilethwa ekugcwaleni kwaso, bese-ke bebuyela ndawonye, futhi ayikho indlela yokukulingisa, ngoba lezizingcezu ezimbili zazifanele zifane ncamashi esikhumbeni kanti futhi nase—embhalweni, kwakufanele kuhlangane okwesisila sejuba uhlamvu nohlamvu.

91 Manje, yilokho impela uNkulunkulu akwenza ngeNzalo yobuKhosi ka-Abrahama. Manje, ngiyazi u-Isaka wayeyiNzalo ka-Abrahama, sekungashiwo ukuthi, awu, kwakuyinzalo yemvelo ka-Abrahama, kodwa hhayi iNzalo ka-Abrahama

yangempela, iNzalo ka-Abrahama yangempela yayinguKristu, iNzalo yobuKhosi. U-Isaka kuphela wayeyisibambiso kwaze kwafika uKristu, okwakuyiNzalo ka-Abrahama. Manje, bese kuthi-ke iNzalo ka-Abrahama yangempela iyasikholwa isithembiso, njengoba kwenza u-Abrahama nje, ngoba siku-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe.

92 Manje, bhekisisisani ukuthi uNkulunkulu wenzani eNzalweni yobuKhosi ukwenza isivumelwano siqiniswe: Wathatha uKristu, owayeyiNzalo ka-Abrahama, eKalvari WaMdabula. Wasusa uMoya kuYe, wayesebeka umzimba waKhe ethuneni, noMphefumulo waKhe esihogweni, futhi waMvusa ngosuku lwesithathu, futhi wavusa umzimba waKhe, futhi wawenyusela eNkazimulweni, futhi lapho wathumela uMoya emuva phansi, futhi wagcina umzimba ungakwesokunene saKhe, wathumela uMoya emuva phansi, ukuba uhlale eBandleni, ukwenza iBandla libe kakhulu impela nje ngokuPhila kukaKristu ukuthi ekuvukeni, abaBili bayohlangana ndawonye, uMlobokazi noMyeni, iBandla noKristu kuyofana impela nohlobo olufanayo lwenkonzo, uhlobo olufanayo lwamandla, uhlobo olufanayo loMoya. Wavusa umzimba kaJesu Kristu futhi wawubeka ngakwesokunene saKhe, isandla saKhe sokunene, futhi wathululela phansi uMoya phezu kweBandla ngoSuku lwePhentekoste. Wasifakazisa kanjalo-ke uNkulunkulu isivumelwano saKhe neBandla laKhe.

93 NoJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Futhi siyabona ukuthi leyo yindlela kaNkulunkulu Aqinisa ngayo isivumelwano saKhe neBandla laKhe, amen, ngomnikelo weGazi, ngeGazi likaJesu Kristu.

94 Manje, Wangcwelisa leloBandla ngaleyonkathi, waLihlanza, waLehlukanisa. Futhi lapho kufika ukwehlukana . . . Kusho uku "bekwa eceleni." I . . . Empeleni iZwi *ngcwelisa* yigama lesiGreki, elixubile, elichaza "okungcwelisiwe, kwahlanzwa, futhi kwabekelwa inkonzo." Manje, i-altare langcwelisa isitsha, base-ke besibekela eceleni ukuba sisetshenziswe.

95 Ngakho yini—yini . . . ? Ubani owayeyisithunywa esilandelayo emhlabeni esashumayela ukulungisiswa na? uLuther, eNzalweni. Wawuyini umlayezo olandelayo na? UWesley, amaMethodisti ashumayela ukungcweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekile womusa. Sithola . . . Sonke siyakwazi lokho, siyakwazi lokho.

96 Manje, bukani, Akwenza ku-Abrahama ngokulungisiswa, Wakwenza eNzalweni yakhe. Akwenza ku-Abrahama ngokungcweliswa, ukwehlukana ngenkathi Ekwenza, Wenza into efanayo. Lapho iBandla Lizehlukanisa nazo zonke izinto zezwe, khona-ke uNkulunkulu ubheca iGazi kuLo.

97 Manje, manje-ke lapho Enza lokho, khona-ke awu, akusekho ukubhema, ukuphuza, akusekho okwalokhu

ukuzungeza, ukuqhubeka, ningabantu abahlukanisiwe. Kunjalo. UNkulunkulu uyanehlukanisa njengabantu abayinqaba, inqwaba yezinkolelo zokuzenzisa ihambisana kuzo zonke lezizinto, kodwa nokho, elangempela, iBandla leqiniso, ngikhuluma nge—ngeNzalo yangempela ka-Abrahama, leyo ngempela eyiNzalo.

98 Manje, qaphelani into elandelayo Ayenza. Manje-ke, emva kokwenza lokho, siyathola, manje, ngabe Wabiza u-Abrahama ngomusa na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe Wabiza iBandla laKhe ngomusa na? "Amen." Ngabe Wangcwelisa imisebenzi ka-Abrahama ngo...ngomnikelo wegazi na? "Amen." Ngabe Wenza into efanayo emuva lapha ngoWesley na? "Amen."

99 Manje, manje, esahlukweni 17 sikaGenesisi, phenyani 1 isahl-...ivesi 1, UNkulunkulu ubonakala ku-Abrahama eGameni lika—likaNkulunkulu uSomandla, okuyigama lesiHeberu elisho ukuthi "El-Shaddai." *El* kusho ukuthi, "ibele," futhi, noma, *El* kusho, "Onamandla," futhi *Shad* kusho, "ibele," njengebele lowesifazane, futhi u*Shadayi* u "namabele." "Abrahama, uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye ubudala," cabanga ngalokho, "futhi ufike ngokulungisiswa, uze ngokungcweliswa, futhi manje sengibonakala kuwe njengonamandla, uNkulunkulu onamabele." Amen.

100 Manje, ngamany'amazwi, "Abrahama, wena, impilo yakho—yakho ifile, mayelana nalokho, ukuphila komzimba wakho kufile." Ukufa kwesizalo sikaSara, kwa—kwakungesikho nje...wayengazali kwasekuqaleni, futhi manje bukani ukuthi usemdala kangakanani manje, yena u, uma yena enamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, yena unamashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Futhi ngakho, "Manje, buka ukuthi usumdala kangakanani, futhi buka ukuthi uSara usemdala kangakanani, kodwa Ngingonamandla, Ozinikela Mina kuwe, lala phezu kwesifuba saMi futhi uzincelele, ukuPhila kwaMi uQobo kungene kuwe. Mina, ngokuthatha ukuPhila kwaMi ngikufake kuwe, Ngizokunika amandla ngendodana ezayo, ngezayo."

101 Yileyonto Ayenze eBandleni emva kokuba beza ngokulungisiswa, ukungcweliswa. Wakwenza nini eBandleni na? Zonke lezo kwakuyiziyalo ezenziwa ngokukholwa nomusa. Kodwa e—emnyakazweni wePentecostal, UNkulunkulu wabizela abantu baKhe abangcwelisiwe ebeleni laKhe, ukuba bancelise kuYe ukuPhila okwakukuNkulunkulu *ku*bo. Nanko umbhaphathizo kaMoya oNgcwele weBandla, njengoba nje Enza ku-Abrahama. Nanto iQembu lePentecostal elikhethiwe abalibiza ngezinhlanya namhlanje, ngiqonde iQembu elikhethiwe.

102 Nampo, njengoba Abiza nje ukulungisiswa, ukungcweliswa, futhi wagcwalisa u-Abrahama ngamandla aKhe uQobo, Wabiza iBandla ngokulungisiswa, ukungcweliswa, futhi wagcwalisa iBandla ngamandla aKhe uQobo, uMoya waKhe ungene eBandleni, futhi unika iBandla umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lokho kwakungomkhulu, umnyakazo omkhulu olandelayo owashaya umhlaba, siyakwazi lokho. UMartin Luther, uJohn Wesley, nomnyakazo wePentecostal, lokho kube ngumnyakazo. Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngokufanayo nje njengoba Enza ku-Abrahama, Ukwenzile eNzalweni yakhe emva kwakhe. Niyakuthola manje na?

103 Manje, makani phansi ivesi 4 nele 5 kulesosahluko esifanayo lapho, kwele 17. Manje, ngifuna niqaphele ukuthi uNkulunkulu wenzani lapha. Yena, uNkulunkulu angeke angcolisa imithetho yaKhe uQobo, Uzofanele agcine umthetho waKhe uQobo. Ngakho uNkulunkulu angeke angayilaleli imithetho yaKhe uQobo, Angeke achithe imithetho yaKhe uQobo, bese kuthi-ke, ukuze abe nguNkulunkulu.

104 Manje, uma siqaphela, eTestamenteni eLidala kwakukhona, ngenkathi umntwana ezalwa emndenini, lowomntwana waye, asithi umfana, wayeyindlalifa, kusobala, kodwa ngaphambi kokuba lowomntwana abe ngokugcwele abe yi—yindlalifa yazo zonke izinto uyise ayenazo, ngaphambi kokuba angene emandleni okubusa, kuqala wabekwa ngaphansi kofundisayo. Nalofundisayo wakhulisa lendodana. Manje, thina—wonke umfundisi wasesontweni uyakwazi lokho, ukuthi yabekwa ngaphansi kofundisayo.

105 Nalofundisayo wayeyindoda ubaba ayeyifunisisa ukuba athole yona impela indoda edlula onke ayengayithola, ngoba leyo yindodana yakhe, yilowo ozoba yindlalifa kuye kamuva. Ngakho-ke uzingela ofundisayo omuhle, hhayi ofundisayo ozothi, "Awu, a," aqambe amanga futhi athi, "o, ibandla lakho lenza kahle nje. Indodana yakho—yakho encane—encane yenza kahle nje," uma ingenjalo, iyishinga elincane. Lokho ngukuthi, kuningi kakhulu, inkathazo namhlanje ngababhishobhi bethu abaningi kakhulu, kanjalonjalo, nabo bonke abafundisayo bethu abenziwe ngumuntu, "Ibandla lakho lenza kahle." Kodwa kungamanga, alinjalo. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika." Kukhona okungalungile ndawo ndawo.

106 Ngakho ngenkathi ubaba ethola ofundisayo obedlula bonke ayengamthola, umkhulisi obedlula bonke, manje, ukuthi lowo ofundisayo kufanele ukuthi washaywa amahloni kanjani ngenkathi enyukela phambi kukayise, wayesethi, "O, indodana yakho!"

107 "Injani na? Injani indodana yami na?" Ubaba

wayematasatasa, wayenombuso omkhulu, futhi abaningi, bafana, izindawo eziningi, nabaqashi, nebhizinisi ukuba alinakekele.

108 Manje, kufanele ukuthi lowo ofundisayo wazizwa kanjani ukuba akhuphuke, azi ukuthi wayeqashwe nguyise, ukuba akhuphuke futhi athi, "O, indodana yakho, mm! O, iyesabeka, a—angikwazi nje ukuyenza ilalele into, izoba nendlela yayo enekhanda elilukhuni, inganyana enekhanda elilukhuni kunazo zonke engake ngayibona empilweni yami. Unjalo nje, angeke alalele. Ngizo. . . Nginencwadi yakho yemithetho lapha, ngiyendlalela yona ngqo, kodwa uyazi ukuthi izokwenzani, indoda yakhe endala ingahle iwuqhube ngenye indlela, kodwa uzogijima ngenye indlela." Ukuthi lowo ofundisayo kufanele ukuthi washaywa amahloni kanjani ngenkathi edingeka eze futhi atshele ubaba lokho! Kufanele ukuthi ubaba wazizwa kanjani ngakho, naye!

109 Nokuthi uBaba ufanele ukuzizwa kanjani namhlanje! Ngithemba ukuthi lokhu akulimazi, okwenele nje ukunenza niqondiswe, ngokuba ihora lami seliseduze masinya. Qaphelani, kodwa lokhu kufanele kushiwo, ukuthi uMoya oNgcwele wenziwa kanjani Ofundisayo phezu kweNdlu kaNkulunkulu, hhayi umbhishobhi othize obusayo, hhayi inhlangano ethize eqinelanayo, hhayi eminye yalemibono ecatshangwayo eyenziwe ngumuntu, umntwana kaNkulunkulu ngukulalela uMoya oNgcwele, ukuBhala kweZwi, umntwana wangempela kaNkulunkulu, indodana yangempela ka-Abrahama.

110 Manje, nakhu lapho isikhathi sokuhlukanisa sifika khona. Qaphelani, "O," wena uthi, "singamaPentecostal." Ukuxazulule lapho, kodwa usanda kuqala nje ngaleyonkathi. Niyabo? Manje, kufanele ukuthi wazizwa kanjani! Ufanele uzizwe kanjani uMoya oNgcwele namhlanje ukuba uye phambi kukaNkulunkulu uBaba! Ngifuna ningitshele, ngoSuku lwePhentekoste, ngabe uNkulunkulu wagcoba umpristi ongumRoma ukuba abe nguBaba, Ofundisayo na? Ngabe Wamisa umbhishobhi weMethodisti na? Igosa lePentecostal na? Qhabo, mnumzane, Wathumela uMoya oNgcwele phansi ukuba abe nguMbusi weBandla. Kunjalo impela. Kwenzekani kukho na?

111 UJesu, ebamba uJohane emphakamisa, futhi Wathi lapho akayikufa, nabanye babo bathi Wakusho, kodwa Akakwenzanga. Wathi, "Kuyokwenzekani kulomuntu emva kokuvuka na?"

112 Wathi, "Kunamsebenzi muni uma ehlala, ngize ngifike na?" Kodwa esikhundleni sokwenza lokho, ngokuthi bakusho, Wavele wamvusa nje, futhi wamkhombisa ngale waze Wafika ekupheleni konyaka webandla. Ngakho Wakhuphula. . .

113 Khumbulani, uJesu wathi, onyakeni webandla wesibili, iSmirna, kwakukhona i—imisebenzi yamaNikolawu, nokuthi kwakuyini imisebenzi ebandleni lesibili, iba yimfundiso onyakeni webandla wesithathu. Manje, ini na? Lelogama alisetshenziswa kwenye indawo eBhayibhelini. Ngalibheka, ukuthola ukuthi kwakuyini, *nikao* kuchaza ukuthi "ukunqoba," *laitane* kuchaza "abantu abangafundele lutho," "nqoba abantu abangafundele lutho."

114 Wenze umuntu ongcwele, umuntu ongcwele kunawe, yenyuka nje bese uthola umuntu othize, futhi uzoba ngunkulunkulu uhhafu, noma into ethile efana naleyo, ukuba asukume, futhi wenza okuthandayo, futhi uzothethelela izono, futhi nakho lapho uya khona, "nqoba abantu abangafundele lutho." Susa uMoya oNgcwele eBandleni phandle lapho bese Ubeka wonke emsamo. Leyo kwakungesiyo indlela kaNkulunkulu yokukwenza.

115 Akukho-muntu emsamo onelungelo lokusho ukuthi nguye kuphela onoMoya oNgcwele, futhi nguye kuphela onezwi ngakho, uMoya oNgcwele ukuwo wonke, uMzimba kaKristu wonke, phandle lapho, lapho izilimi, ukuhumusha, iziphiwo, ukubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Kodwa saLinqoba, impela.

116 Yona impela into esiphuma kuyo, iPhentekoste yabuyela ngqo kuyo futhi, ngakho konke nje ababengakwenza. Yona impela into enanivamise ukuyibiza ngokuthi, "amadala, amaBaptisti agcina umthetho ngegama namaMethodisti," a—akusilo iBaptisti ngegama nje, amaPentecostal agcina umthetho ngegama manje. Nenze into efanayo eniphu-. . . oyihlo abaphuma kuyo, nijike nabuyela emuva ngqo futhi nenza into efanayo, naLifaka ebhodleleni, nenza ibandla elilodwa *ngapha*, nelinye *ngapha*, futhi belwa omunye nomunye, uma *lo*muntu engezi ebandleni lakho, awunabambiswano nalo.

117 O, wena ompofu, ohlubukile, ozenzisayo, *obizwa ngokuthi* ungumKristu, ngiyakudabukela! Ihora lakho seliseduze. UNkulunkulu uzokujezisa ngalokho, ngokuqinisekile njengoba ngiyinceku yaKhe ngimi lapha, uhlukanisa abantu abangafundele lutho futhi wenza umehluko phakathi kwabazalwane. Nkulunkulu yiba nomusa.

118 Akukho okumelene namaPentecostal, leyonqubo; akukho okumelene neKatolika, yinqubo yobuKatolika; akukho okumelene neMethodisti, yileyonqubo; akukho okumelene neLuthela, yinqubo. Ukulungisiswa ngoLuther kwakuqinisile, kodwa ngenkathi bekuhlela ngokwenqubo ngokukuhlela, benza okungalungile. Futhi uWesley. . .uLuther akazange akuhlele, abasemva kwakhe bakwenza; uWesley akazange akuhlele, abasemva kwakhe bakwenza; futhi kwakungesibo obaba bePentecostal abaphuma kulokho konakala, yinina sigejane

emva kwabo abakwenza. Khona impela okwenzile, yilapho esikhona namhlanje.

119 Uma ibandla lePentecostal belingama eminyakeni engamakhulu amabili kusukela manje, idis-. . . u—umhlabathi esiwuzuzile ezweni kuleminyaka engamashumi amathathu edlule, noma amashumi amane, bekuyoba kubi kakhulu kunemfundiso yeKatolika namhlanje. AmaKatolika aqala ePhentekoste, nawo. Kwenziwa yini na? Kusonteka. Manje, kodwa iNzalo yeqiniso ihlala iqinisile.

120 Qaphelani, ukuba-ke lowo ofundisayo, onakekele umntwana emuva phansi kweTestamente eLidala. . . O, ukuba lowomntwana wayefana noyise nje! He, yonke into ubaba ayisho: "Yebo, yilokho-ke. Amen. Lelo yiqiniso. Sizokwenza ngaleyondlela."

121 Ukuthi lowo ofundisayo kufanele ukuthi wenyuka kanjani phambi kukayise, wayesethi, "Indodana yakho ingumfana oyisimangaliso. Izinto nje ozenzayo, yileyondlela impela akwenza ngayo, naye. Angikhathali ukuthi kanjani, ninobasi abathile nonsumpa phandle lapho, kodwa, o, he, abamkhathazi. Umi kahle, impela njengoba wenza." Amen.

122 Ufanele kanjani lowobaba ukuthi, "Leyo yindodana yami! Ngiyaziqhenya ngayo. Yebo, mnumzane, uyindodana yami. Ngolunye usuku ngiyokhombisa izwe ukuthi uyindodana yami." Kulungile. "Akabanaki abasizi bemfolomane, uhlala ngqo nalokho okushiwo ngubaba."

123 Nokuthi uMoya oNgcwele, namhlanje, ufanele uzizwe kanjani lapho Uhamba phambi kuka—uBaba futhi uthi, "Ngani, Uyazi ukuthini? Owesifazane waKho—waKho—waKho uzipenda ubuso, baphungula izinwele zabo. Amadoda aKho, e, owaKho umfo-. . . Abantwana baKho bahlela amabandla abo nje aqine njengabo bonke abanye, futhi ngeke babambisane omunye nomunye omunye," nazo zonke lezizinto! Ufanele ukuthi Uzizwa kanjani! Kanjani i. . . UNkulunkulu kufanele ukuthi wazizwa kanjani ngebandla laKhe! Kufanele ukuthi kuyihlazo kanjani!

"Ngani," Wathi, "Bengicabanga ukuthi ngabatshela ukuba bangangeni eSodoma."

124 "Kodwa babuyela ngqo kukho, Baba." NjengoLoti nje, ngozuka abambalwa nendawo engcono yokukhonzela, nesakhiwo esikhudlwana, nezihlalo zikanokusho, nomshumayeli ogqoke kangcono, nomunye onjengalona ongathi, "*Amen*," kahle ngempela, futhi wahamba futhi wathola iPh.D., LL.D. emva kwegama lakhe, futhi bangabatshela bonke abanye nga*lokhu*.

125 UNkulunkulu akanandaba nokubiza uzuka ngalokho, Ufuna indoda egcwaliswe ngamandla noMoya oNgcwele, eyoma futhi ikhulume iqiniso, kungakhathaleki ukuthi

liyobula isikhumba kuwo. Kunjalo. Kodwa sikutholaphi na? Wonke umuntu unethikithi lokudla neCadillac. Kukhona okungalungile ndawondawo. Kukhona okungalungile ndawondawo. Yingalesosizathu ibandla liyendezela namhlanje ngendlela elingayo, ngoba seliphumile esisekelweni.

126 Kwenzekani ngenkathi leyondodana, ngaleyonkathi, iba seTestamenteni eLidala na? Ngithanda ukuhlala lapho isikhashanyana, sizobuyela kukho kamuva. Kodwa manje, ukuba-ke leyondodana, ngaleyonkathi, yayingumfana olungileyo, yahlala ncamashi njengoba uyise akumisela ukuba kube njalo na? Uma iBhayibheli lasho into eyodwa, yahlala nakho ngqo. Noma ngabe iBhayibheli lathini, ihlala nakho ngqo. Kungakhathaleki ukuthi kuyini, akunandaba ukuthi bonke abanye bakholwani, bonke abasizi bemfolomane, uhlala noBasi omkhulu, uhlala nalokho uNkulunkulu akusho. UNkulunkulu wathi, “Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso.” Angikhathali ukuthi kufikani noma kuhambani, hlala ngqo nalokho.

127 Futhi siyazi ukuthi iBhayibheli liyabikezela ukuthi unyaka wePentecostal uyoba yisivivi, uhlanzwe uphume emlonyeni kaNkulunkulu, siyazi ukuthi yilokho iBhayibheli elakusho. Kunjalo impela. Manje, sifanele sibhekane nakho, kulapha.

128 Manje, awu, manje uma lendodana iyindodana elungileyo, khona-ke ngelinye ilanga sinakho, esikubiza ngomBhalo, iTestamente eLidala, ukubekwa kwendodana, noma kubizwa ngokuthi, ngezinye izikhathi, umthetho wokwenziwa umntwana. Manje, lendodana efanayo eyazalwa emndenini, futhi ayizange . . . yafika . . . igama layo—layo alilungile eshekeni, besingakubiza kanjalo, igama layo alilungile phandle lapho okwamanje, ayikaze ibe nomthetho wokwenziwa umntwana owenziwe kuyo namanje.

129 Kodwa lapho sekufika esikhathini somthetho wokwenziwa unntwana, ubaba uthatha indodana yakhe ayikhiphele endaweni yomphakathi, bese eyihlalisa phezulu endaweni, bese eyigqokisa ingubo ende ethize, futhi enze lokho okwaziwa njengokubekwa kwendodana, noma umthetho wobuntwana. Futhi manje, lapho lendodana yenziwa umntwana ifakwe emndenini wayo uqobo, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, lendodana inikwa amandla, iphiwe, khona-ke igama layo lihle nje njengoba elikayise linjalo eshekeni, ngoba ingubasi, lingaphezu kwabasizi bemfolomane. UNkulunkulu umnika izinto okungekho namunye wabasizi bemfolomane obengazi lutho ngazo, ngoba iyindodana. Kunjalo.

130 Futhi yilokho impela uNkulunkulu akwenza eNdodaneni yaKhe uQobo, emva kokuba EseYifakazisile kukho konke. Nesahluko se 17 sikaMathewu oNgcwele, WaYenyusela entabeni futhi waYisibekela lapho nge—ngeFu lenkazimulo, nezingubo

zaYo zakhanya njengelanga ekushiseni kwalo, noma, emandleni alo. Futhi ngenkathi Ikwenza, wezwa iPhimbo livela eZulwini, uPetru, uJakobe, noJohane, lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ngaYo, Yizweni."

131 Wenzani na? Wabeka umthetho, umthetho waKhe uQobo wokwenziwa umntwana phezu kweNdodana yaKhe, wabeka iNdodana yaKhe ngaphambi kwaKhe uqobo. Akunandaba, "Nango uMose, ngakhuluma noMose, nanko umthetho, nampo abaprofethi, kodwa lena yiNdodana yaMi," umthetho wokwenziwa umntwana. O, bagcini besabatha nabomthetho, yini indaba ngani na? "Nansi iNdodana yaMi, Yizweni." Qiniso.

132 Awu, yilokho impela uNkulunkulu akwenza ku-Abrahama, indodana yaKhe ngaphambi kwalokho, emva kokuba u-Abrahama wayeselungisisiwe ngokukholwa. Siyakukholwa lokho, asikukholwa na? INzalo ka-Abrahama, yalungisiswa ngokukholwa. Kulungile.

133 Into elandelayo kwaba ngukuthi-ke, Wenzani na? Into elandelayo kwakungukungcweliswa ngeGazi, ukungcweliswa ngeGazi eMbewini; into elandelayo kwakungukuncela amandla kaNkulunkulu uQobo angene kuye, ethatha amandla kaNkulunkulu uQobo ewafaka eBandleni. Akwenza ku-Abrahama, Wakwenza eNzalweni yakhe emva kwakhe. Wonke umuntu uyakuqonda lokho na?

134 Kulungile, manje qaphelani, khona-ke Wathi ku-Abrahama, qaphelani lokhu, ivesi 4 nele 5, "Abrahama isivumelwano saMi manje sikanye nawe." Amen. Bekufanele kube yisimo esinje pho! IZwi elinje pho lenkuthazo endodeni endala eneminyaka eyikhulu ubudala, ikhona impela ekhulwini, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, futhi imtshele ukuthi Wayengu El-Shaddai, "Manje Ngikunika amandla. Manje Ngizokubeka kanye naMi manje. NginguYise wakho konke okudaliweyo, iGama laMi ngu-Elohim." Noma ubani uyazi ukuthi igama *Elohim* lisho ukuthi "o—Owenele konke, o—okhona NgokwaKhe omkhulu," Elohim.

135 "Manje, igama laMi ngu-Elohim, negama lakho ngu-Abrama, futhi awusayikubizwa ngo-Abrama, kepha uyakubizwa ngo-Abrahama." Manje yilapho sesizokwehla khona ukufundisa okul'khuni ngempela manje. U-*Abrahama*, bhekisisani, kusukela ku-*Elohim* kuya ku-*Abrahama*, Umnika ingxenye yeGama laKhe uQobo, ngenkathi Embeka.

136 Qaphelani, u-Abrahama neNzalo yakhe. Manje, ngenkathi uNkulunkulu evusa ibandla lePentecostal, Uqala ukubabeka, ebanika iziphiwo, nokunye nokunye, futhi ebabeka eMbusweni, kodwa wonke umuntu wayefuna ukuba nesiphiwo esifanayo, futhi o, he, saya lapho-ke. Ngakho lokho akuyimisi iNzalo kaNkulunkulu, nje i, noma, iNzalo ka-Abrahama, Iqhubeka ngokufanayo nje.

137 Qaphelani, u-*Elohim*, u-*Abrahama*, umnika ingxenye yeGama laKhe uQobo. Ngoba ngani na? "Ngikwenze uyise wezizwe," ubaba. "Ngikwenze uyise wezizwe eziningi. Futhi Ngizobeka ingxenye yeGama laMi ngegama lakho." O, ngingayikhama kanjani into ethize khona lapha manje. Mnike ingxenye yaleloGama: u-*Abrahama*. Futhi washintsha igama likaSara, ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama.

138 Manje qaphelani, yona impela into elandelayo esiyithola yenziwe, lapha, isesahlukweni 18, isahluko esilandelayo, ukuthi uNkulunkulu ubonakala ku-Abrahama lapho ehlezi phansi kom-oki. Manje, Yena, bhekisisani njengoba Yena, niyabona lapho Ebeke khona iNdodana yaKhe, ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuphiwa kweziphiwo. Manje, ngenkathi Ebonakala kuye ngaphambi nje kokuba Ashise iSodoma . . .

139 Angithandi ukubuka ithelevishini, ngoba ngimelene nalezo zinhlelo ezingahlungiwe. Kodwa izolo ebusuku, endaweni ebengihlala kuyo, ngicoshe incwadi emva kokuba ngifike sekuleyithi ngempela, ngase ngibuka kwencane, ngifunda incwadi lapho, futhi yathi, *Uhlu Lwezinhlelo Zethelevishini*. Futhi kwenzeka ngaqaphela lapho, kwakukhona indawo lapho ababezokhombisa khona lemicibisholo ye-athomu, noma *enye into ethize*, evela ePentagon.

140 Ngakho ngenyukela kulomsakazo, noma, ithelevishini, ngase ngiyivula ukuba ngibuke lo—lomcibisholo, ngibone loludaba lwe-athomu, i, noma—noma, amasoso bakubiza kanjalo, noma ngabe kuyini. Kube nenqwaba yokugxekwa, inqwaba ehambisanayo nephikisayo, kodwa manje bhekisisani nje umzuzu nje. Wonke umuntu, unelungelo embonweni wakho, nginalo kokwami, mangizwakalise owami.

141 Manje, ngaphambi kokuba iSodoma lishiswe, ngaphambi nje . . . Bangaki abalubonile lolohlelo na? Ngiqagele abaningi benu bakwenzile, kulungile. Akuyona nje into eyenziwe, yayivela kuhulumeni. Futhi kade bekulokhu, besebenza kulolucwaningo iminyaka, futhi bayazi ukuthi ngokoqobo kuyiqiniso. Kuyiqiniso. Lokho akuyona into entsha, uma nje kuphela befunda umBhalo, bebeyokwazi ngqo lapho ababekhona, abadingi ukuba bakhathazeke ngalokho. Kodwa manje, ake sikubeke lokho kulomlayezo ngqo manje, umzuzu nje.

142 Manje, ngenkathi u-Abrahama, emva kokuba eselungisisiwe, engcwelisiwe, wemukela uMoya oNgcwele, iNzalo yakhe kanjalo, futhi wayebeke indodana, lendodana yafakazisa ukuthi yayiyiyo, ngoba yayinoMoya kaNkulunkulu kuyo, yenza imisebenzi efanayo, lokho izwi layo elaliyikho, lalifana ncamashi neZwi likaNkulunkulu.

143 Asisoze sakha ibandla phezu kwezinhlangano ezehlukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento, futhi zonke zehlukile kwenye. Qhabo, mnumzane. Qhabo, singeke.

144 Manje qaphelani, kodwa ngenkathi lendodana, indodana ka-Abrahama, iNzalo, ibonakaliswa, khona-ke uMoya kaNkulunkulu kuleyoNzalo ebonakalisiweyo iyokwenza imisebenzi efanayo uJesu ayenza, ngoba imisebenzi efanayo yeNzalo yobuKhosi iyoba seNzalweni ka-Abrahama. Qaphelani, ukubeka indodana, uyenza ifane neNdodana nje, iBandla laYo.

145 Manje, njengoba siqhubeka, u-Abrahama ehlezi phansi kom-oki ngoluny'usuku, wabheka phezulu, futhi wabona amadoda amathathu eza kuye. Manje beka lokhu phansi manje, enkumbulweni yakho: Wabona amadoda amathathu, ayembozwe uthuli, mhlampe, futhi evela ebangeni. U-Abrahama wawabuka, futhi waqonda ukuthi kukhona okungukwesaba uNkulunkulu ngamadoda, ayengazange aphendulele okhololo bawo, mhlampe, futhi efake imishuqulo ephakeme, noma kanjalo ayengabizwa ngababhishobhi, noma . . . kodwa wawabuka, ayengamadoda ajwayelekile nje, izingubo njengawo onke amadoda ayegqokile.

146 No-Abrahama wagijimela kuYe, wayesethi, "Nkosi yami, Uzongena futhi uhlale phansi ngaphansi kwesihlahla na? Futhi ngizokha amanzi amancane, futhi ngigeze izinyawo zaKho, futhi—futhi ngiKunike ucezu lwesinkwa, bese-ke Uqhubeka nendlela yakho." U-Abrahama wayazi, manje wayeseyiNzalo ka-Abrahama. Manje, khumbulani, lalelani, kwakungu-Abrahama nje owakuqonda lokho.

147 Benazi yini . . . ? Ngangi, ngakhuluma neJuda ngolunye usuku elakholwa, njalo lalikholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu oyedwa, futhi lalifuna ukukholwa ukuthi kukhona abathathu babo, ngakho lathi, "Uyazi ukuthi lokho kwakusho uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele lapho na?" O, bakithi, umuntu angaqhela kude kangakanani kuNkulunkulu na? U-Abrahama akazange athi, "Makhosi ami," wathi, "Nkosi yami," uhlamvu olukhulu N-k-o-s-i. Kodwa uLoti, umhlubuki ezansi lapho, wathi, "Makhosi ami," ngenkathi ebona ababili babo benyuka, a-m-a-k-h-o-s-i.

148 Kodwa umuntu owayehlukanisiwe, wazi ngenkathi eseMbonile, wathi, "Nkosi yami, Elohim, woza, futhi uhlale phansi lapha." Futhi Wenyukela kuye.

149 Futhi wagijima wangena futhi watshela uSara, "Gxova isinkwa ngokushesha impela, sempuphu, sifuna amaqebelengwane." Futhi—futhi baphume futhi bathole ithole elikhuluphalisiwe, futhi balibulala ithole, futhi balungisa izinto, balikhipha. Futhi Wahlala lapho futhi uyalidla. Amabili awo ehlela eSodoma ukuyoshumayela kuLoti ezansi lapho eSodoma, nokukhipha lelobandla elisivivi.

150 Manje qaphelani izigaba ezintathu, manje, kwakukhona uLoti, neSodoma, no-Abrahama, kwakuyizigaba ezintathu zabantu emhlabeni ngalolosuku. Manje, ngiyacela lalelisisani, leyo yindlela efanayo okuhlala ngayo namhlanje ngeNzalo ka-Abrahama. Niyabo? Kwakukhona iSodoma, abaseSodoma, izwe, izoni; kwakukhona elihleliwe, ibandla elisivivi lihlezi phansi lapho, uLoti, izono zabantu zihlupha umphefumulo wakhe olungileyo. Yilokho impela iBhayibheli elakusho. Nakho lapho okhona, abaningi abalungileyo, abantu abalungileyo ezansi phakathi lapho, abazobizelwa ngaphandle, kodwa angikhulumi ngalokho khona manje.

151 Manje, bathumela indoda ezansi lapho ukukhulula labobantu, futhi yehla futhi yashumayela kubo, bhekisisani, ebandleni elaliseSodoma, ezweni. Manje, ngesinye isikhathi kuleliviki, sizothatha *UPhawu LweSilo NoPhawu LukaNkulunkulu*, futhi sibhekisise ukuthi lokho kwaqala kanjani e-Edene, futhi waphuma ngqo lapho uKayini aphuma khona eBukhoneni bukaNkulunkulu ukuba athole umkakhe, ukuthi uSeti wahlala kanjani eBukhoneni bukaNkulunkulu futhi wathola umkakhe. Kanjani amabandla, izindlela ezehlukene, baphuma nezinhlangano zabo, bephuma nezinhlangano zabo zenqubo futhi bazitholela i—ibandla, umlobokazi, futhi lapho elangempela, iBandla leqiniso lahlala noNkulunkulu, uMlobokazi, ngokuphelele.

152 Manje, nakhu okwenzekile, ngenkathi lamadoda ehlela lapho. . .Futhi akumangalisi yini ukuthi Waliguqula kanjani igama lika-Abrahama lisuka ku-Abrama liya ku-Abrahama, nesithunywa sehlela lapho ukuba sishumayele kulababantu ukuba sibakhiphe, futhi ngalolusuku lokugcina isithunywa esithunyelwe kulabo baseSodoma, nokubiza labobantu baphume kulezozindawo ezansi lapho kubizwa nge G-r-a-h-a-m? Hhayi iB-i-ol abaphindeke kabili-y S-u-n-d-a-y, iSonto, kodwa G-r-a-h-a-m. Isithunywa! Ngikhombise isithunywa sobufundisi basesontweni esisodwa esimi endaweni yakhe namhlanje, asikho, ndawo emhlabeni ebandleni lamaKristu njengoBilly *Graham*. Wenzani na? Ememeza, "Phuma kuleyonto. Zehlukanise," ngezwi lokulungisiswa, ukubabiza baphume futhi ubehlukanise.

153 Wenzani na? Umlayezo wakhe waphuphuthekisa amehlo abo eMnyango. Yilokho okukwenzile namhlanje. UMlayezo uphuphuthekisa amehlo abo, banenhlangano eningi kakhulu kubo, abakwazi ukubona uMnyango, noKristu uyilowoMnyango. Kunjalo.

154 "O," bathi, "awu, ngiyiMethodisti." "Awu, buka lapha, Mnu. Graham, ngiyiPresbyterian." "NgiyiLuthela." "Ngi. . . " Abawuboni uMnyango. NoMlayezo uphuphuthekise amehlo abo. Anisiboni isimangaliso sikaNkulunkulu na? Niyalibona iqembu likaLoti na? Le laphaya eSodoma.

155 Manje, bhekisisani, kuLona owahlala emuva eBandleni elikhethiwe, Oyedwa. Wathi. . . Manje bukani, ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho elika-Abrahama . . . igama lika-Abrama lase lishintshwe laba ngu-Abrahama. Manje, Akazange athi, "Abrama, uphi umkakho S-a-r-a-y-i?" Wathi, "*Abrahama*, uphi umkakho uS-a-r-a?" Wakwazi kanjani lokho uma WayeyisiHambi na?

156 Manje, bhekisisani, Ukhuluma neNzalo ekhethiweyo manje, ka-Abrahama. Manje, Ukhuluma ku-Abrahama, futhi njengoba Enza ku-Abrahama, Uzofanele enze eNzalweni emva kwakhe; sikutholile, yonke into, phezulu ngokuphelele kuze kube yilesisikhathi. "Abrahama," isambulo, "uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho." Manje, khumbulani, "ngemuva kwaKho."

157 Wathi, "Ngizokuvakashela," *ngi*, lesosabizwana somuntu sifakiwe naso, uyabo, "Ngizokuvakashela," Wazi kanjalo-ke ukuthi ubani, igama lakhe lali. . . Waba nguYe owashintsha igama lakhe, "Abrahama, Ngizokuvakashela, ngokwesikhathi sokuphila noSara. Futhi ngizothumela lomntwana, njengoba nje ngishilo ukuthi ngiyokwenza." Niyabo? "Ngizokwenza."

158 Futhi ngenkathi uSara ezwa lokho, manje, bodadewethu phakathi lapha, nina zintombi ningixolele ngalokhu ngiyacela, kodwa uSara wahleka. Niyazi ukuthi wahlekelani na? Wathi, "Mina, isalukazi, ngingaba nenjabulo futhi nenkosi yami, nayo isindala futhi na?"

159 Manje, njengendoda nomfazi, njengoba—njengoba ubudlelwane bomndeni babunqamukile iminyaka eminingi, base beneminyaka eyikhulu ubudala. Wathi, "Mina, futhi owesifazane osemusha, ngangingaphila nomyeni wami—wami lapho, futhi siyoba nenjabulo ndawonye, njengabasha, abantu abashadile na?" Futhi kwamkitaza, wayesethi, "Mina, isalukazi, ngiphile nomyeni wami phandle lapho, futhi, sibe singenalo lolohlobo lokuphila, mhlawumbe ishumi nanhlanu, iminyaka engamashumi amabili." Niyabo? "Thina . . . Kungenzeka kanjani lokho na?"

Futhi ngenkathi ehleka, khona-ke iNgelosi, ifulathele ngomhlane waYo, yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

160 UJesu wabhekisela kukho, wayesethi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kuyoba njalo naseNzalweni ka-Abrahama.

161 Ningabona lapho uLoti ehlezi khona na? Ningabona lapho uMlayezo ukhona na? Niyawubona uMlayezo oye eBandleni elikhethiwe na? Amandla kaNkulunkulu emuva phakathi kwabantu, uNkulunkulu ehlala enyameni yomuntu weBandla laKhe uQobo, enza lezozibonakaliso ezifanayo, futhi bakubiza ngokufunda umqondo, ukufunda ingqondo,

ukubhula. Akumangalisi belahliwe. Akumangalisi imicibisholo ejikijelwayo lapho, bakubiza kanjalo, emoyeni, futhi abazi lutho ngakho.

162 Ngizoninika incazelo yami ngakho: YiziNgelosi ezehlayo, njengoba zenza lapho eSodoma. Niyazi, ngikholwa ukuthi besinesithombe seyodwa ngemuva, esithombeni lapha ndawondawo, izoba phakathi, umhlangano ezinsukwini ezithi azibe mbili ezilandelayo. InoMoya ofanayo, Yenza izinto ezifanayo. LowoMoya ofanayo eBandleni uyokwenza izinto ezifanayo uJesu azenza.

163 Futhi siyabhekisisa. Futhi ePentagon, lapho befika ngalapho, futhi babekwazi ukubona leyomicibisholo ejikijelwayo ibuthana phakathi ngakubo, kanjalo, hhayi into ethize eyenziwe, enye inganekwane, empeleni kuyiqiniso, nakhu ku-radar yokupopola, nakhu kwi—kwikhamera ikuthwebula. Futhi ishesha kakhulu ize ivele inyamalale. U-Einstein wafakazisa, ngaphambi kokuba afe, uma imicibisholo emibili yayiza ngokushesha ngokwenele, noma amadoda amabili eza ehla ngomgwaqo ngemoto, abengeza ngokushesha ngokwenele, ayengadlulana ngqo, ngaphandle kokuphazamisana ngisho, eza ngokushesha okukhulu, kodwa bekuyothatha izigidigidikazi zamamayela ngomzuzwana ukukwenza, kodwa bebeyokwenza.

164 Bukani uJesu, si—singeke sakuqonda, ngenkathi uJesu engena ekamelweni edabula o—odongeni lwamatshe, iminyango ivaliwe, futhi wama lapho, emva kokuba Wayenomzimba waKhe okhazimulisiweyo, futhi edla inyama. Haleluya! Udumo! Ukhuluma ngonyaka wasemkhathini, iBandla lilungiselela ukuthatha owodwa. Ngokushesha! Beqhosha ngezindiza zabo zihamba ngesivinini esikhulu, “Sinendoda kwisputniki.” Ngani, he! Kwenza mehluko muni lokho eBandleni likaNkulunkulu ophilayo na? Bakithi!

165 Wathi, “Nxa lezizinto zifezeka, phakamisa ikhanda lakho, kuyobakhona izibonakaliso emazulwini phezulu, nasemhlabeni phansi, ulwandle lubhonga, ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, leso isikhathi, qala ukubheka phezulu, ukuhlengwa kwenu kuyasondela.”

166 Niyazibona izibonakaliso zaseSodoma, inhlangano lapho ikhiphele ibandla ngaleya ngeyimfihlakalo, o, ukuzishaya olungile, indlela engokomthetho, kodwa lowo owesilisa nowesifazane olinde esithembisweni sikaNkulunkulu unesibonakaliso sisebenza phakathi kwabo, njengoweqiniso, uNkulunkulu ophilayo, ehlulela yona impela imicabango yenhliziyo, yiZwi. UJesu wayeyiZwi.

167 “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu,” uJohane oNgcwele 1. Ngabe kunjalo na? AmaHeberu isahluko 4 athi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali

kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela ngisho nemicabango, nezizindlo zenhliziyo."

168 Futhi ngenkathi iZwi, ngenkathi iZwi likaNkulunkulu, hhayi uhhafu waLo, ingxenye yaLo, lixutshwe nesivumokholo esithize esenziwe ngumuntu, "Nihlale kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa," kodwa lapho iZwi leqiniso libonakaliswa kuwe, LinguMahluleli wemicabango yenhliziyo. Futhi amadoda akubiza ngokufunda umqondo, ukufunda ingqondo kwengqondo.

169 Akumangalisi babiza uJesu ngo*Belzabule*. Futhi Wathi, "Ngiyanithethelela. Kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi akwenze, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa." Manje-ke niyabona ukuthi kungani sinegama lethu kumcibisholo ojikijelwayo ulenga ngaleya, ndawondawo. Niyabona lapho ukwahlulela kumi khona. Qaphelani, impela silahliwe.

170 Nanto iqembu likaBilly Graham ezansi lapho, lishumayela kulowoLoti, "Phumani eSodoma. Phumani eSodoma. Phuma eSodoma." Mhlawumbe umfana akakwazi, ngakho konke engikwaziyo, noma, indoda, ngicabanga ukuthi cishe ineminyaka engamashumi amathathu nesikhombisa ubudala, noma amashumi amane, qhabo, cishe amashumi amane-nane, noma okuthize, amashumi amane-nanhlanu, angazi ukuthi uBilly uneminyaka emingaki. Wathi. . .Awu, uvuka ndawondawo esevile emashumini amane. Kodwa empeleni, kanjani indoda, mhlawumbe, ayiqondi ukuthi kuyini. Niyabo? Nango, uyisithunywa sosuku kulelobandla, engaqondi ukuthi wayefanele abizwe kanjalo. Kanjani ukuthi yena. . .yonke into. . .

Wena uthi, "Lelogama lalihlangene kanjani nakho na?"

171 Walishintshelani igama likaJakobe na? Kungani Asintsha onke amanye amagama ngenkathi beza kuYe na? "Igama lakho lithiwa uSimoni, emva kwalokhu uzobizwa ngoPetru." "WawunguSawulu, kodwa uzobizwa ngoPawulu kusukela manje kuqhubeke." Kuthiwani ngawo onke lamagama, uma engasho okuthize na?

172 "O," wena uthi, "lokho ukubhula ngezinombolo, udeveli unakho." Kunjalo, noNkulunkulu unaye oyedwa. Yonke into udeveli anayo, uyifanise nokukaNkulunkulu. Kunjalo impela.

173 Washintsha igama lakhe. Emva kokuba uJesu enqobile, Wemukela iGama elisha, qobo lwaKhe, wonke umnqobi. IBandla, lapho Linqotshwa ngokuphelele, isambulo salo siqala ukuba ngokoqobo kuBo. Kungani Abizwa ngalokho na? Kungani EyisiThunywa namhlanje na? Ukuthi lapho umuntu ephakathi, njengoba kwakunjalo nje e-Edene, wazibhubhisa ngolwazi lwakhe uqobo, futhi namhlanje, wenza into efanayo, ezibhubhisa yena uqobo ngolwazi lwakhe uqobo.

174 Bhekisisani manje, imizuzu embalwa nje ngaphambi kokuba sivale, sine, ngempela sinemizuzu engamashumi amathathu, kodwa asizukudingeka sikuthathe. Bukani, ngifuna ukunibuza okuthize. Manje, wehla futhi washumayela, lezoziNgelosi zakwenza, lena Enye yasala ngemuva, isiThunywa.

175 Omunye umfundisi wangibuza ngesinye isikhathi, "Mfowethu Branham, ngabe ushilo ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?" Lowo kwakunguNkulunkulu, u-Abrahama waMbiza ngo-Elohim. Uma ufuna ukuphikisana no-Abrahama, iBhayibheli, lokho kulungile. Kodwa wathi Kwakungu-Elohim, wama lapho futhi Udla inyama, egqoke izingubo ezejwayelekile, udla inyama, waphuza ubisi lwenkomazi, wadla isinkwa, wanyamalala emehlweni ka-Abrahama. Wayengu-Elohim. Efakazisa ini na? Ngenkathi uJesu ebhekisela kukho, ukuthi u-Elohim uyobuya angene eNzalweni ka-Abrahama ngezinsuku zokugcina, "Futhi njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," eBandleni elikhethiwe, "kuyakuba njalo."

176 Nasebandleni eSodoma, kuyakuba njalo. Manje, siyabona lapho bemi khona, asiboni na? Sibona amagama, yonke into, ibekwe ncamashi nje, ngokuphelele nje lapho esihlezi khona. Wenzani-ke na? Masinya emva kwalokho, njengoba ngithathe lokhu izikhathi eziningi, ngikholwa ukuthi ngashumayela ngakho kanye kini, Waguqula umzimba ka-Abrahama noSara, wayesebabuyisela ekubeni yinsizwa nentombi. Manje, si—siyazi ukuthi lelo yiqiniso.

177 Manje, khumbulani . . . Manje, ake ngikufakazise kini khona lapha, ukuze nina, e, uma nithola noma yimiphi imicabango ababeyiyo, "Ngalezozinsuku baphila isikhathi eside nje." IBhayibheli lasho lapha ukuthi bobabili base begugile impela ngokweminyaka, sebegugile impela. Pho kungani uSara asho ukuthi "Uma ngingaba nenjabulo nenkosi yami"? Futhi u-Abrahama, iBhayibheli lasho ukuthi umzimba wakhe wawusufana nofile, imbewu emzimbeni wakhe yayisifana nefile, futhi eminyakeni engamashumi amane nanhlanu emva kokuzalwa kuka-Isaka, waba nabanye abantwana abayisikhombisa. Phendula lokho, uzokwenza yini na?

178 Kungani u-Abimeleki wawa—Abimeleki waba sothandweni, khona-ke, noSara, ngenkathi eseyisalukazi na? Wathi, "Mina, isalukazi, esesigugile impela, mina, ngimdala, njengoba nginjalo manje, ngingaphinde ngibe nenjabulo futhi na?" Futhi ngenkathi ethatha uhambo lwamamayela angamakhulu amathathu, futhi wehla, futhi wabona inkosi esencane, yathandana naye, into enhle kunazo zonke eyake yazibona. Waguqula umzimba wakhe. Ngani na? Wadingeka aguqule umzimba wakhe ukuze emukele indodana ethenjisiwe. Futhi leyo yinto elandelayo ngokohlelo, ukuguqulwa komzimba, uHlwitho.

179 Manje, ukuba-ke Wayethathe u-Abrahama nje, wathi, "Manje, Abrahama, ngizokubuyisela ekubeni yinsizwa, ngizobuyisela uSara abe ngowesifazane osemusha, futhi manje, nonke qhubekani nje futhi nibe nendodana"? Babengeke bakwenze, ngoba babehlala ndawonye besebasha, futhi babengenayo indodana, babengenandodana, futhi babeyohlala ndawonye yonke leminyaka, ukuba nje Wayebaguqule babuyela emuva. Kwakufanele kubekhona uhlobo olwehlukile loguquko. O, udumo! Ini? Wayengeke aye ekusikweni nenhliziyo eneminyaka eyikhulu ubudala, imithambo yobisi yayomile emzimbeni wakhe, isizalo sakhe sasingazali. O, ngiyazi kubonakala kuxakile, ngiyazi kuyaxaka. Kubonakala kuxakile.

180 Unga...? Ukuba-ke ingane encane, ngaphambi kokuba izalwe, lapho isesizalweni sikanina, ibingathi, "O, maye kimi! Bangitshela ukuthi ngizozalwa ezinsukwini ezimbalwa. Ngizokwenzenjani na? Bangitshela ukuthi kukhona izwe elikhulu, kukhona ukukhanya kwelanga, abantu bayahambahamba. Awu! Ngizokwenza kanjani...? Yini ezo...? Ngizoziphilisa kanjani na? Ngithola ukuziphilisa kwami khona lapha esizalweni. Yonke leyondawo enkulu, ngizokwenzenjani na? Maye kimi"? Kodwa uma kuphela ubengacabanga ngokuthi bekuyini, uma ubenga...Emva kokuba uke waphumela ngapha, bese-ke ubuka emuva, awusophinde ufune ukuya esizalweni futhi.

181 Futhi lokho kunjengoba sinjalo manje, sicabanga ngokuthi, "Kuzoba yini lokho na? Yini e—elinye izwe, lapho esingadlula khona sisuka eNkazimulweni na?" Ngani, lapho bengathatha isipopolo futhi babone iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, lokho akusilo iyintshi emayintshini eshumi nesithupha ePhakadeni. Haleluya! Udumo! Kodwa uJesu uvela eZulwini eza emhlabeni ngomcabango. Udumo! NeBandla liyoba ngendlela efanayo, ledlule ukukhanya ngejubane elingako! Udumo kuNkulunkulu.

182 Wena uthi, "Kungenziwa kanjani na?" Njengokuthi nje, ngazi kanjani manje na? Into kuphela engiyaziyo manje ngama intshi, namayadi, namamayela, nezinsuku, namaviki, namahora, nemizuzu, yileyondlela esifanisa ngayo, sisesizalweni somhlaba. Kodwa lindani size sizalwe kanye ngaPhesheya. Udumo! Linda kuze kufike lolushintsho. Yebo. Khona-ke umkhathi uza njenge...uvela e, eNkazimulweni, lapha ekwehlukaneni okukodwa, uhhafu khona manje, ijubane elingako, wedlula ngqo odongeni, awazi ngisho nokuthi lulapho. Nakho lapho okhona. Lezizinto zasemhlabeni ziyoba lula kakhulu ngaleyonkathi. Ku—ku...O, he, akuyikubakho lutho kukho. Qhabo, mnumzane.

183 Ngenkathi umzimba ka-Abrahama uguqulwa, umzimba kaSara waguqulwa, sengathi wawungakaze uguqulwe ngaphambilini. Manje, sonke siyazi ukuthi lapho uJesu efika, siyohlwithelwa oHlwithweni, futhi siyazi ukuthi imizimba

yethu izofanele iguqulwe kuqala. Futhi kuzo...Futhi ngeke kudingeke ukuba, kubuyele emuva ezinsizweni nasezintombini, kodwa kuzofanele kuguqulwe, ngoba umzimba ka-Abrahama noSara wadingeka uguqulwe ngendlela ukuze bemukele indodana ethenjisiwe.

184 Lowo ngu-Abrahama, umzimba wakhe wawufanele uguqulwe ukwemukela indodana ethenjisiwe, emva kokulungisiswa, wangcweliswa, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, wabizwa ngokhetho, wabonakalisa uNkulunkulu weNkazimulo phakathi kwakhe, kwase kuthi-ke umzimba wakhe waguqulwa ukuze emukele indodana ethenjisiwe.

185 Awu, iBandla lifike ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, iziphiwo zibonakaliswa kuWo. Futhi manje ini na? UMoya kaNkulunkulu uhamba eBandleni, wenza imisebenzi efanayo uJesu ayenza ngaphambi kokuba Ahambe, njengesithembiso. Futhi yini into elandelayo na? Ushintsho. Into elandelayo eyenzeka ku-Abrahama, kwakungumzimba oguquliwe, wayefanele abe nawo, kungenjalo wayengeke ayithole indodana. Nento elandelayo eyenzekayo eBandleni wuHlwitho.

186 Sizodingeka siguqulwe futhi sihlwithelwe emoyeni ukuhlangana naYe. Asikwazi ukuhlangana naYe emhlabeni, sifanele sihambe siye emoyeni ukuMhlangabeza. YiNdodana ezayo, iNdodana ethenjisiwe. Amen. Siye saMbheka manje, amakhulu eminyaka, Uzofika ngolunye usuku. Kodwa into elandelayo yeBandla ngukuguqulwa. Sibe nazo zonke izibonakaliso: ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubekwa kweNdodana, ukubonakaliswa kukaMoya. Manje, ini na? Ukuguqulwa komzimba wenzelwa uHlwitho.

187 O, he! Lifanele kanjani iBandla ukuba livayizelise izandla zalo enkazimulweni, libonga uNkulunkulu, libonga uNkulunkulu! Noma ngamuphi umzuzu ushintsho lwalungafika, ngokuba iBhayibheli lathi kuyoba ngokomhlaba wonke, uJesu wathi, "Kuyoba nababili etsheni, begaya, Ngiyothatha oyedwa, futhi ngishiye oyedwa; ababili ensimini, Ngiyothatha oyedwa, ngishiye oyedwa; ababili embhedeni," kwakhombisa ukuthi kuyoba macala omabili omhlaba, ngenkathi kusebusuku ngakwelinye icala, kube yimini kolunye, "Ngiyothatha oyedwa, futhi ngishiye oyedwa." UHlwitho luyoba semhlabeni wonke, nemizimba yabo iyoguqulwa.

188 Imizimba yethu izofanele iguqulwe, singeke nje sabuyela ekubeni yizinsizwa nezintombi, sifanele sibe nohlobo olwehlukile lomzimba, ukuze sihlwithwe emoyeni ukwemukela iNdodana ethenjisiwe. Yilokho iBandla elikulindele manje, iBandla leqiniso. Konke ukubonakaliswa, Akwenza ku-

Abrahama, Ukwenzile eNzalweni yakhe emva kwakhe, eshiya into eyodwa ngaphandle, lolo wuHlwitho lweBandla.

189 "Futhi nxa nibona lezizinto ziqala ukwenzeka," uJesu wathi, "phakamisa ikhanda lakho. Bheka phezulu! Ukuhlengwa kwakho kuyasondela." Ngenkathi uJesu ebhekisela kukho, Wathi, "Njengoba kwenzeka eSodoma," lapho ubona uBilly Graham wesimanje manje ehlela eSodoma, lapho ubona izibonakaliso ziqala ukubonakala phambi kweBandla elikhethiwe, nakho konke okwakho kulwa naLo, bhekisisani, isikhathi soHlwitho sesiseduze. Umkhiwane uveza imiqumbe yawo ngaleya, lesosizukulwane asiyikudlula kuze kugcwaliseke konke. Futhi lingene kakhulu kulesosizukulwane, selokhu amaJuda kade ebuyela ezweni lawo lendabuko. Sisesikhathini sokuphela.

> Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

190 Woza, uhambe nathi siye eMiami, ngenkathi indoda eyama nesandla sayo ngaleya eGreenland, ukudedela amabhomu e-athomu ayeyobhubhisa ingxenye yomhlaba, uzamazame, futhi ibe ngumKristu, izobe ikhuluma. Ngenkathi ibona umcibisholo ojikijelwayo esibukweni, futhi bacabanga ukuthi kwakuyiRashiya iqala. Silungele, nathi, ezinye izizwe zilungele, futhi. UCastro wasebenzisa ezansi ngaleya, njenge—njengonodoli nje, egcizelela ukuze iRashiya ikwazi ukungena lapho isondele ngokwenele, bangaphosa imicibisholo yabo ejikijelwayo ye-athomu nezinto, nakhu ngqo phansi kwekhala lethu.

191 Neziphiwo zikaNkulunkulu, ukubonakaliswa kukaNkulunkulu phakathi kwabantu baKhe, ukwenza into efanayo uJesu Kristu ayenza kuye kwashanela umhlaba wonke manje. Niyabo? Uselungele. Manje, into elandelayo wuguquko, nokuhlwithwa emoyeni ukuhlangana naYe.

192 Uguquko, kulabo ababheke iNdodana ethenjisiwe. Ngabe niYibhekile kulentambama, nilindile na? "O, ngizobe ngibhekisisa futhi ngilindile, lokho kubuka ukuba ngikubuke; Uyeza futhi." "Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo."

193 Kungani lomhlaba uzoqhumisa ube yizicucu enye yalezi. . . O! Bekungenzeka ngaphambi kokusa. Yinye kuphela iNto, lowo nguNkulunkulu uSomandla, ongasivimbela ukuba siqhunyiswe sibe yizicucu, kodwa kwelinye ihora kusukela manje, iRashiya ingaphambili kakhulu kunathi ngesayense. Futhi njengoba lowomhlaziyi wezindaba asho ngobunye ubusuku, akusiyo iRashiya yenza lokho, kanjalo akusibo ososayensi bethu,

ngamaJalimane yilokho okukwenzile. Empini, sathatha abanye, futhi bathatha abanye, futhi nakho lapho ukhona.

194 Banomuntu manje ohambayo, osukuma emshinini omncane, isputniki sento, phezulu lapha emhlabeni. Ukuba-ke, bangahle babe namakhulu alabo, uma-ke beza nje e-United States, futhi athi, "Zinikeleni, noma niye emlotheni." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . zinikeleni, kusobala. Bekuyokwenzekani na? Kuyongena amaRashiya, ephuma emakhaya enu, niyazi ukuthi kuyokwenzekani.

195 Uma bengakwenzi, kwenzekani na? Imilotha iyafika. Bekungenzeka nini lokho na? Ngelinye ihora kusukela manje. Kodwa khumbulani, ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, nakhu lapho eningavumelani khona, kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, uJesu uzela iBandla. Ngaphambi kokuba ichashaza elilodwa loMlilo lehlele phezu kweSodoma, uLoti wadingeka aphume; ngaphambi kokuba kwehle iconsi elilodwa lemvula, u-Abrahama wadingeka abe se, ngiqonde ukuthi, uNowa wayefanele abe semkhunjini. Futhi njengoba kwenzeka emihleni ka-Abrahama, noma, emihleni kaNowa, nasemihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, iBandla lithatha uHlwitho lwaLo. Amen. BakuKristu, sebevele behlulelwe.

196 Futhi ngokunye kwalokhu ukusa, kuyoba nokunyamalala, futhi ngobunye balobubusuku, kuyoba nokunyamalala, neBandla lizoguqulwa, futhi lihlwithwe ukuhlangabeza uJesu emoyeni. Futhi maye kulesisigejane-ke! Bayoququda ulimi lwabo ngenxa yobuhlungu, lapho i-athomu ishanela ingena esizweni, ishisa amehlo nya, futhi kugeleza njengamanzi ehla, nezilimi ziququda ubuhlungu, futhi bememeza, ibhomu elilodwa nje liqhuma emva kwelinye. Nizokhumbula ukuthi kwakungukufunda ingqondo kangakanani, ukuthi kwakuyisigejane sabagingqiki abangcwele kangakanani, noma izinhlanya. Khumbulani, uNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani. Yebo, mnumzane.

197 Into elandelayo elindile ingeyaleyo ekhethiweyo, neNzalo ka-Abrahama ebizelwe ngaphandle, Oqonde ukubonakaliswa kukaNkulunkulu phakathi kwabantu baKhe futhi bemile, belindile, lowo kuyoba nguYe oyohlwithwa ukuMhlangabeza emoyeni.

198 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Uma kukhona labo lapha namhlanje ongaMazi njengoMsindisi womuntu siqu, ukuthi awugcwaliswanga ngoMoya oNgcwele, ukuthi isambulo sikaNkulunkulu asikaze sishaye impilo yakho, futhi usanda kujoyina ibandla, futhi waphila enhle, impilo eqondile, uyazi yini ukuthi lawomaHeberu emuva lapho, labobapristi, babephila impilo ephelele, akekho owayengabeka

umunwe empilweni yabo, babengcwele, amadoda angcwelisiwe, noJesu wathi, "Ningababakayihlo, udeveli"?

199 Yini isono na? Ukungakholwa. Ukungakholwa kukuphi na? IZwi likaNkulunkulu. Manje, lelo yiZwi likaNkulunkulu ku-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Uma ungakaze waziwe kuNkulunkulu njengendodana yaKhe, njengozelwe ngokusha ogcwaliswe ngoMoya waKhe, awukaze udonse ku-El-Shaddai, isifuba sikaNkulunkulu, kungani ungezi khona lapha futhi ume lapha na? Asibe nomkhuleko nawe, ngenkathi abafowethu abangabefundisi beseduze ukuzokhuleka.

200 Uzovuka manje na? Ngikholwa ukuthi ihora lakho konke lokhu ukuncenga seliphelile nje. Awukamemukeli uKristu futhi ugcwaliswe ngoMoya, woza. Omunye umphefumulo ompofu uya e-altare, nalowo umJuda, oseduze komTopiya. Nkulunkulu yiba nomusa. Ungalizwa kanjani iZwi likaNkulunkulu bese-ke uhlala uthule na? Bangane, aniboni yini ukuthi isayense yasho, cishe eminyakeni emihlanu edlule, sekusele imizuzu emithathu kube phakathi nobusuku na?

201 Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Wafinyelela, isikhathi sesedlule, Welula isandla saKhe wase esimisa. Uphethe isikhathi esandleni saKhe sokuba iBandla Lizilungiselele. Asekhona amanye amalungu ambalwa asazongena, oMzimba kaKristu, mhlawumbe elinye lawo lilapha namhlanje, yingakho ngilapha, yingakho ngiholelwa lapha, ngukuzama ukuninxusa. Angisho ukuthi, "Manje ungabi yiKatolika, ungabi yiMethodisti." Angisho *lokho* ofanele ube ngowakho, ungowabo bonke noma akukho namunye wabo. Kodwa ngifuna nigcwaliswe ngoMoya waKhe, uma ungenjalo, ni . . .

202 Khumbulani nje, ngiyohlangana nani ngalolosuku, futhi lamazwi azoba ngufakazi ngokumelene nani. Konke kusekuqoshweni kweteyipu kaNkulunkulu, nangekhamera yaKhe enkulu yesithombe. Futhi wena uhlezi, futhi uhamba futhi ukushiya, uyozibona wena uqobo ngalolosuku esibukweni sikaNkulunkulu. Uzoza na?

> . . . be nendlela yaKho!
> Wena unguMbumbi;
> Ngiyi . . .

Khohlwa nje yikho konke manje, woza, "Ngilubumba."

> Ngibumbe futhi ungenze
> Ngokwentando yaKho,
> Ngenkathi ngisalindile,

Uvumile na?

> Vunyelwa . . .

203 "Mayenziwe intando yaKho, Nkosi. Khipha bonke ubusonto kimi. Khipha sonke isitashi nehlelo kimi, Nkosi. Mangibe ngumKristu wangempela."

. . . Nkosi!
Yiba nendlela yaKho!
Bamba ubumina
Ukushwibeka kwangempela!
Gcwalisa ngoMoya waKho
Kuze bonke babone
UKristu kuphela, njalo,
Ehlala kimi!

Yiba . . .

UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Woza ngaphambili ngqo, Dadewethu.

Yiba nendlela yaKho!
Wena unguMbumbi;

Nonke nina maKatolika, maBaptisti, iPresbyterian, maMethodisti, maPentecostal!

Ngibumbe futhi ungenze
Ngokwentando yaKho,
Ngisavuma,
Ngavuma futhi ngama ngqi.

. . . indlela yaKho uQobo, Nkosi!

204 Manje, ngenkathi abantu besehlela phansi, baseza, inqobo nje uma abantu beza, sizokubamba. Angicabangi ukuthi sinesikhathi esiningi kakhulu, kulelizwe, ukwenza lolu uhlobo lokubiza.

205 Manje, khumbulani nje, ngikhuluma eGameni leNkosi: Ihora liyeza lapho niyomemeza khona nifuna umhlangano onjengalona. Awuyikushisekela kakhulu ukusukuma futhi uphume, kuyobe sekwedlule isikhathi kakhulu ngaleso sikhathi. Niyophuma nikahle, niphume ningene ePhakadeni ngaphandle kukaNkulunkulu, ngaphandle . . .

206 Ungibiza ngowakho . . . umprofethi, angikaze ngizibize ngalokho, uyakwenza. Futhi lafikaphi iZwi leNkosi na? Lichaza ukuthini igama elithi *mprofethi* na? "Umambuli wobuNkulunkulu wobuNkulunkulu, iZwi elilotshiwe." Khonake unokuhumusha okungokwakho, futhi ukuthathe ngaphezu kweZwi langempela. Izibonakaliso nezimanga ziyafakazisa ukuthi ngabe kuqinisile noma qha. UNkulunkulu wabatshela ukuthi bakusho kanjani, "Uma abakushoyo kufezeka, khonake kuqinisile, uma kungenjalo, akunjalo." Manje, yiba ngumahluleli wakho uqobo.

207 Kungcono ubalekele kuNkulunkulu, Pentecostal, ngenkathi usenethuba lokukwenza. Ungathathi nje umqondo othize ukuthi "Ngakhuluma ngezilimi, nalokho kusho konke okwakho." Lokho kukude nje njengoba amaMethodisti ememeza, iLuthela lixhawulana. Kungcono uze kuNkulunkulu.

Ngenkathi ngisalindile,

Vuma . . .

208 Manje khumbulani, emva kwalomlayezo, kulentambama, ngikhululekile kulo lonke igazi lomuntu, umhlangano ukhishiwe eChicago, nginitshelile ISHO KANJE INKOSI, ngikufakazisile kini ngemiBhalo ukuthi sisekupheleni. Manje, anginacala lanoma yiliphi igazi lomuntu kusukela manje kuqhubeke.

209 Ngiyamangala ukuthi mangaki amaKristu, phandle lapho, abengakhuphukela e-altare, futhi akhuleke nalababantu nxazonke, bemi bezungeze i-altare, futhi akhuleke na? Noma yimuphi kini maKristu, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ongathanda ukwenyukela lapha, futhi akhuleke nalababantu na?

. . . mina futhi ungenze
Ngokwentando yaKho,
Ngenkathi ngisalindile,
Ngavuma futhi ngama ngqi.

210 U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, u-Abrahama neNzalo yakhe. Ake nginitshele okuthize. Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule bengiseCalifornia ebandleni elikhulu lehlelo, ihlelo lePentecostal, abantu abambalwa beza e-altare, abane noma abahlanu, emva kokushumayela umlayezo onzima, bese kuthi-ke izoni ezine noma ezinhlanu zigijimele phezulu e-altare, ziwela phezu komunye nomunye. Ngadingeka nginxuse futhi ngincenge abantu ukuba beze bakhuleke nazo. Ngenze lokho ngenhloso kulentambama, ukubona ukuthi ubani obezokwenyuka, naphakathi kwabantu cishe abangamakhulu amathathu, bukani ukuthi yini eza ukuzokhuleka.

211 Ngani, amaBaptisti aseKentucky ezansi lapho ezintabeni, lapho engazalelwa khona, kuyokwenza amaPentecostal azizwe enamahloni ngawo uqobo, umphefumulo owodwa mawufinyelele phezulu futhi uze ngase-altare, kuyobakhona lonke ibandla elimzungezile ngqo, lizama uku . . . bonga kakhulu kuNkulunkulu ukuthi umphefumulo owodwa ungenile. Futhi khona-ke siyiNzalo ka-Abrahama, silahlekelwe yiyo yonke intshisekelo esake saba nayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? O Nkulunkulu!

212 Asikhothamise amakhanda ethu. Kinina bantu e-altare lapha, ngifuna ninikele ukuphila kuYe manje. Khumbulani, ngizohlangana nani ngalokho kusa, ngizolandisa kulomlayezo kulentambama. Kade ngiseChicago kusukela ekuqaleni kwenkonzo yami, njengoba isiphela manje. Ngeke ngaba ngumprofethi nomvangeli ngesikhathi esifanayo, inkonzo eyodwa izothatha indawo yayo masinya.

213 Futhi isikhathi emva kwesikhathi, ukuthi ngibe kanjani lapha eChicago, ngama amahora emva kwehora, inhliziyo nenhliziyo kanye nani, senake nangizwa nginitshela noma yini eGameni leNkosi, kodwa lokho okwakuyiqiniso na?

Uma kunjalo, ngiyanicela ukuba nize nikulungise. Qhabo, mnumzane, akwaziwa. Khona-ke ngiyanitshela, eGameni leNkosi, phansi kwesimo esinjalo: Uma wenyukela lapha namhlanje, uNkulunkulu ukuholile phezulu, leli yihora lokukhululwa kwakho, uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngifuna nje ukuba, ngokuzithoba nje, nje nivume yonke into eniyenzile engalungile, phambi kukaNkulunkulu, uthi, "Nkulunkulu, ngiyaxolisa ngakho. Futhi manje ngilapha, ngifuna Wena ukuba unginike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Siphe khona."

214 Futhi sisavala inkonzo, nani ngase-altare lapha, nikhuleka, ngizocela ibandla, nabo bonke, ukuba bame ngomkhuleko. Izandla zenu phezu komunye nomunye, ngase-altare lapha, nina bantu nalezi.

215 Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe, kulentambama, i—izithelo, noma, ukukhothoza, izwe livuniwe kudala, futhi sikhothoza njengoRuthe. Bazazi kahle kanjani abazalwane bethu abangabavangeli lezizinto! UMfowethu Tommy Hicks lapha, uMfowethu Oral Roberts, noBilly Graham, nokuthi kanjani ukuthi—ukuthi bayazi ukuthi siyakhothoza nje eMelika, sibone ukuthi singaluthola yini uhlanga *lapha*, noma *lapho*. Siyazi ukuthi ukuphela sekuseduze.

216 Baba Nkulunkulu, laba abafikile, Wena ushilo eZwini laKho, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Kanti futhi, "Ukuthi akukho-muntu ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nawo wonke oza kiMi, Ngizomupha ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela." Leso yisithembiso saKho, Nkosi. Futhi njengenceku yaKho, nezithelo zalomlayezo, ngiKunika laba abafunayo e-altare, ngibanikela kuWe, Nkosi, njengenceku yaKho, ngomkhuleko.

217 Futhi ngazozonke lezi ezinye izinceku zaKho, ezimi lapha, ezingofakazi bokuvuka kwaKho, ofakazi bamandla kaNkulunkulu, futhi simi lapha, ngokujulile, Nkosi, ngobuqotho obuvela enhliziyweni yethu, sikholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, sikholwa ukuthi Uyeza, nazo zonke lezizinto ezibonwayo ezesabekayo esizibonayo nesizizwayo, izizwe ziyazamazama, futhi sibone u-Israyeli eya ezweni lakhe lendabuko, izizwe ziyakhathazeka, zibona izinto ezingaqondakali phezu kweWashington, izinto ezesabekayo phezu komhlaba, ukudideka kwesikhathi, nosizi phakathi kwezizwe.

218 Usizi, usizi olunje, bonke bethuka kakhulu abazi ukuthi bazokwenzenjani, ngasinye sinezikhali ze-athomu nehayidrojini, sifihle emuva imfihlo, silindele nje esinye ukuba senze umnyakazo. Ngolunye usuku iphutha, ugologo omningi kakhulu uyophuzwa noma okuthize, khona-ke umcibisholo

ojikijelwayo uzondizela esibukweni, khona-ke nakhu kuhamba. Nkulunkulu, Wakwethembisa, futhi ngiyakukholwa wena.

219 UNowa wama emnyango womkhumbi, futhi washumayela kubantu abafayo. Futhi namhlanje, eyangempela, indoda kaNkulunkulu ezelwe ngokusha imi eMnyango kaJesu Kristu, futhi ikhombisa abantu iNdlela yokuphuma, hhayi ibandla, hhayi inhlangano, kodwa uMnyango, uKristu. Kwangathi lababantu bangeza eMnyango khona manje, bengqongqotha eMnyango. Siyazi kuyobakhona isandla esemukelayo esilulwayo, futhi sithi, "Wozani, nina enibusisiwe nguBaba waMi, ngenani ezintokozweni ezilungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba, ngoba akekho owayengeza, ngaphandle kwalabo Ayebazi ngaphambili." Futhi bafikile kulentambama, futhi ngibanika Wena, njengenceku yaKho, nanjengabantu baKho. Siphe khona, Nkosi, kulowo nalowo wabo, eGameni likaJesu Kristu.

220 Futhi ngenkathi umuntu ngamunye phakathi lapha, nina bantu ozungeze i-altare, ngokukholwa, ngokukholwa, awudingi ukuzwa neyodwa into, kodwa enhliziyweni yakho . . . Manje, wenyukele kanjani lapha na? UNkulunkulu, emuva lapho ezethamelini, ukudonsele phezulu lapha. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Futhi sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, lowo nguMoya oNgcwele. Manje, uma uzokholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi uNkulunkulu uzokunika uMoya oNgcwele, phakamisa izandla zakho, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngize lapha manje ukuba ngiKwemukele."

Nonke nina enilaphaya ezethamelini enikholwa kanye nabo, phakamisani izandla zenu, futhi nithi, "Nkosi, simi silungele uMoya oNgcwele."

221 Mfowethu Tommy Hicks, ngifuna uze, futhi unikele umkhuleko manje, phezu kwabo, khona lapha. Yebo, mnumzane. Konke . . . ? . . .

